# UBUFAKAZI OLWANDLE

Ngiyabonga, Mfowethu Borders.

2 Masibe silokhu simile, umzuzwana nje, sisakhothama buthule phambi kukaNkulunkulu ngomkhuleko. Ingabe sikhona noma yisiphi isicelo, kulobubusuku, ongathanda ukusenza saziwe ngokuphakamisa isandla sakho kuNkulunkulu futhi uMcele umusa na? Asikhothamise amakhanda ethu manje.

3 Baba waseZulwini onomusa, siyeza, futhi, eBukhoneni baKho ngomusa, sazi ukuthi Wena usethembisile ukuthi sifanele sithole umusa uma besiyokhombisa umusa, "Abanomusa bayothola umusa." Uma sonile futhi senza lokho obekungalungile emehlweni aKho, Nkulunkulu, yiba nomusa kithi, ngenxa yokuthi siyaKuthanda futhi siyaKukholwa, Nkosi, ngakho konke okukithi.

4 Futhi simile, kulobubusuku, phakathi kwabaphilayo nabafileyo, futhi sicela ukuthi Uzoba nomusa kithi futhi ugeze konke ukungakholwa kwethu ukuthi, kulobubusuku, uMoya oNgcwele omkhulu ungahle wenze umsebenzi kaNkulunkulu phakathi kwethu, futhi uyoletha iqiniso kubantu ngovuko lweNdodana kaNkulunkulu ethandekayo, iNkosi uJesu.

5 SiKubonga kanjani, esikhathini esedlule, ukuthi Akakaze asehlulekise kanjani. Sonke singakufakazisa lokho, abangamaKristu, ukuthi Ukanye nathi njalo. Futhi siyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi izoni zingahle ziMazi njengoMsindisi wazo, ukuthi labo asebephenduke amaKristu manje ekukholweni kuYe, ukuthi bazofuna ulwazi lokuzibonela olujulile ngokwedlulele, ukuba babe nokuPhila okuPhakade ngombhaphathizo kaMoya, ukuze babe ngamasosha anamahhanisi enzela impi enkulu ehleli ngaphambili.

6 Sikhulekela abagulayo nabahluphekile, ukuthi ngeke kubekhona umuntu obuthakathaka phakathi kwethu lapha inkonzo ivalwa, kulobubusuku. Siphe khona, Nkosi. Sizwe, siyakhuleka. Wena usibonile sonke isandla esiphakamile, Uyasazi sonke isicelo esingaphansi kwaleso sandla enhliziyweni. Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzopha ngamunye wabo bonke isicelo sabo.

7 Futhi lapho sesihamba kulobubusuku, sengathi singakwazi ukusho njengalabo ababuyayo bevela e-Emawuse, ngemva kokuvuma futhi babona uJesu ovusiwe, kwangathi singasho, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba sikucela eGameni laKhe, nangenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

8 Ningahlala phansi. Sijabula kakhulu ngokuba lapha futhi, kulobubusuku. Futhi ngiyabona abantu bangenisa amaduku abo, si—siyakuncoma lokho. Sikholelwa ukuthi uNkulunkulu uyayiphendula imikhuleko yalabo a—abagulayo nabadingayo, nokuthi Uzokupha izicelo zabantu abakholelwa kuYe futhi sizocela umusa.

9 Manje, besinesikhathi esimnandi ekukhonzeni nani maKristu, lapha e-Oregon. Futhi bengizama ukugcina uMlayezo ulula nje ngangokunokwenzeka, kodwa kusobala, lokho kunjalo ukuthi kungabikho-muntu ozokugeja. Kunezinkulukazi, ezijulile, izimfundiso zokomoya kuLo, kodwa ngezinye izikhathi angeke ukwenze lokho phambi kwezethameli. Sifanele siKugcine kulula, ukuze izingane ezisanda kuzalwa ngeke ziKugeje, ngoba ngikholwa ukuthi sesisondele kakhulu esikhathini sokuphela ukuba thina singageji lutho. Sifanele siqiniseke ngempela ukuthi si—silungile, futhi senza lokho okulungile, lokho uNkulunkulu asiyale ukuba sikwenze.

10 Futhi manje sineminye emibili futhi, emva kwalobubusuku, imihlangano yomusa, kulobubusuku kungobesithathu. Lokho kuvala ngeSonto ntambama, futhi silindele, nginjalo. Lona ngumhlangano wami wokugcina waseMelika isikhashana ngize, ngiphumule. Lona umhlangano wami wesishiyagalolunye olandelanayo, sengiyakhathala impela, nginemibili okwamanje eCanada ngaphambi kokuba ngiphumule. Bese-ke ngiya phesheya kwezilwandle, iNkosi ithanda, ngiwelele emazweni angapheseya, ukuze nabo, noma, bathathe uhambo lokuzungeza, mhlawumpe, ngalesisikhathi.

11 Ngithole inothi, kulokhu ukusa, elivela kumngane wami obelapha, emhlanganweni, izolo ebusuku. Uma elapha kulobubusuku, uNkulunkulu akubusise, Sam. Ngijabula kakhulu ngokuthi wenza kahle, lapha e-Oregon. Ngabhaphathiza lomfo eminyakeni eminingi edlule. Uphethe indawo yukukhulisa izitshalo lapha ndawo ndawo, ngokwekhadi lakhe, USammy Sanders waseMilltown, e-Indiana. Ngambhaphathiza, ngangelusa iBandla iMilltown Baptist, eMilltown, e-Indiana.

12 Ingabe ulapha, Sam na? Phakamisa isandla sakho, uma ukhona. Ngithanda uku. . . Yebo, ngiyamuzwa ndawana thize. Yebo. Ini? Yebo. O, o, emuva ngaphe phakathi *lapha*. Kulungile. INkosi ikubusise, Sam. Phezulu le ekhoneni. Ngikhumbula usuku, lolosuku olubandayo, ngehlisela uSam emfuleni ukuyombhaphathiza. Abantu bakhe babecabanga ukuthi uhambe endaweni ejulile, kodwa akazange. Qhubeka nje ubambelele, Sammy, mfana. Ngethemba ukuthi ngingaphuma ngizokubona ngaphambi kokuphela kwenkonzo, lapha.

13 Uyazi, kungukucindezeleka okunjalo. Ufanele uhlale ngaphansi komkhuleko, ulindele ukubona lokho uMoya

oNgcwele azokutshela ukuthi ukwenze noma ngasiphi isikhathi. Niyabo? Awazi nje ukuthi wenzeni. Izikhathi ezininingi Uyangibiza, "Yehla ume ekhoneni lomgwaqo, umuntu othize uzodlula, abatshele *lokhu* futhi bukani ukuthi kwenzekani." Niyabo? Futhi nifanele nilungele.

14 Futhi yingalesosizathu bengizama ukugcina uMlayezo ulula nje ngangokunokwenzeka. Engizama ukukwenza... Mhlawumbe abanye benu bangahle bazibuze ukuthi kungani ngingabizi imigqa yomkhuleko ubusuku ngabunye. Nansi inhloso yami: Ekwenzeni lokhu, ngifuna ukwakha ukukholwa kubantu kuJesu ovukileyo, ukuze ungalindi kuze kube abanye...isipho esikhethekile sidlule komakhelwane. Wena nje Mkholwe noma ngabe ukuphi, ngoba UnguNkulunkulu.

15 Akuthathi izandla zomvangeli, okungukuthi, lokho kulungile, babeka ukukholwa kwabo... Kodwa lapho izinkonzo isiphelile...Futhi ubusuku ngabunye lapha, ngibona izinto zenzeka, Angikwazi ukukubiza ngokushesha ngokwanele, kusobala akunjalo, kwenzeka nje ngokushesha kakhulu. Kodwa uzokwazi, emva kokuba sengihambile, izinto, isifo obunaso, sesihambile, ungahle ungakuboni manje, kodwa sekuhambile.

16 Lapha, esikhathini esithile esedlule, ngangisemhlanganweni, izifunda ezimbalwa ezivela lapha, futhi kwakukhona amanenekazi amabili ayethamele umhlangano. Elinye lawo...Elinye lawo lalisemsamo, elinye emhlanganweni, phandle ezethamelini. UMoya oNgcwele watshela inenekazi, elalinenkathazo yesisu enzima, lalingakwazi nhlobo ukudla, lalingakwazi ukudla iminyaka eminingi, walitshela, wathi, "Hamba uye ekhaya, uphilile. UJesu Kristu uyakuphilisa."

17 Manje, bhekisisani ukuthi Uthini. Ungajahi usuke, awume umzuzu, ubone ukuthi Uthini. Lokho wukukholwa kwakho okudonsa lokho, kodwa-ke yilokho wena, ngokwakho, enikwenzayo, khona-ke linda futhi ubone lokho Akutshela khona. Niyabo, lokho ku—lokho kungenkathi...Khona-ke lokho ku... Uyakuzwa lokho kuphuma, ISHO KANJE INKOSI, bese-ke ubhala phansi lokho. Lokho ku...kuzokwenzeka kanjalo. Ngakho kwakwenzekile.

18 Ngiqagele uMfowethu Borders unichazele. Ngikushiyele kumphathi lokho ukuba anitshele ukuthi lezizinto zitholwa kanjani, ukuthi ulithola kanjani ikhadi lakho lomkhuleko, ukuthi sifika kanjani futhi sixubanise lawomakhadi bese siwadlulisela kunoma ubani owafunayo kanjalo, bese kuthi-ke uvele ubize kusuka ezindaweni ezahlukene ukuthi nje... Lokho ukuvimbela abantu ukuthi bangasho...awu, abayitholi inombolo yokuqala noma inombolo yesibili, noma ndawana thize ngapho, baphonsa ikhadi labo phansi, abalifuni.

19 Akekho owaziyo ukuthi umugqa womkhuleko uzoqala kuphi; uNkulunkulu uyazikhethela lokho qobo lwaKhe.

Nomfana onikezela ngamakhadi omkhuleko uma phambi kwenu kuqala, futhi awaxubanise onke lawomakhadi ndawonye, bese ewakhiphela kini njengo—njengoba niwafuna. Ngakhoke ungahle uthole inombolo yokuqala, wena uthi, "Ngizoba ngowokuqala emgqeni." Ungahle ube ngowokugcina, futhi lowo oseduze kwakho angase athole inombolo yamashumi ayisishiyagalolunye, futhi angahle abe ngowokuqala. Niyabona, angeke ukusho. Futhi lokho kunikeza wonke umuntu ithuba.

20 NoMfowethu Borders uyakuchaza lokho, khona-ke kanjani ukuthi emva kwalokho umkhuleko wenziwe phezu kwalelidemoni, isifo, onaso, futhi konke ukugula kungokukadeveli, bese kuthi-ke lapho lowomkhuleko sewenziwe, akunakwenzeka ukuthi kungenzeki, inqobo nje uma ukholwa ukuthi kuyenzeka. Manje, uqala ukukungabaza, "Lapho umoya ongcolileyo ephumile kumuntu, uhamba ezindaweni ezomileyo, bese-ke ubuya nabanye odeveli abayisikhombisa ababi kakhulu kunalokho ayeyikho ekuqaleni." Manje, bantu, kubukeni lokho.

21 Bathi, "O, awu manje, ngiba mubi kakhulu." Manje, awume kancane, uma ungangabazanga, qhubeka ubambelele, ngoba uma kufana nethumba noma okuthize, yisixheke samangqamuzana, futhi lawomangqamuzana azofanele afe, ukuphila kulawomangqamuzana, khona-ke amangqamuzana ayabola, futhi ukushaya kwenhliziyo kufanele kuthuthe lokho kutheleleka ngomguqu wegazi. Niyabo? Futhi uba mubi kakhulu ngokuphindwe kashumi kunalokho owawuyikho, kodwa ukukholwa kubambelela khona lapho, akunandaba ukuthi kwenzekani. Ufanele ufundiswe ngalezizinto.

22 Uma uNkulunkulu ethanda, ngiyazama manje ekuvangeleni. Siyazi ukuthi imvuselelo isiphelile, wonke umuntu uyakwazi lokho. Ngakubikezela lokho emuva ngo '56 lapho kuzoqala ukuphela. UBilly Graham uyabuya, noTommy Osborn, kanye nabo, Ngathi, "Yilokhu-ke, iMelika izokwamukela noma iyakwenqaba kulonyaka." Futhi bakwenqaba, asilindele lutho ngaphandle kokwaHlulelwa. Manje, kumakeni phansi lokho futhi ubone ukuthi uMfowethu Branham uqinisile noma qha. Lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI. Sibheke kukho, sizokhokha ngalokho esikwenzile, sinobukhazikhazi obuningi kakhulu ebandleni, neHollywood nakho konke, uNkulunkulu udiniwe futhi ukhathele yikho. Owokugcina uzongena emva kwesikhashana, futhi kuzoba yilokho.

23 Ngingathanda ukuba nesikhathi, uma uNkulunkulu evuma, ngaphambi kwesikhathi sokuphela, lapho engingakwazi khona ukugxumeka itende endaweni ethile, futhi ngifike nje, futhi ngihlale lapho cishe amaviki amane noma amahlanu. Uhlale lapho nje, lapho ubungaba nokuhlangana kwasekuseni, nabazalwane abangabefundisi nje, futhi ukuze bafundise ibandla labo kamuva. Khona-ke uhlale phakathi lapho, omunye

akhulekelwe, bese-ke eba mubi kakhulu, futhi angazi ukuthi kuyini, buyisela lowo muntu ekamelweni lokufundisa, futhi ubazise. Bahlolisise futhi ubone ukuthi kwenzekeni. Niyabo? Kulapho wena . . . Ngikholwa ukuthi sithola imiphumela engcono kukho, kanjalo. Kodwa manje ufanele nje ukubambe ngobusuku obubodwa noma obubili, futhi ukugcine kusobala ngempela ukuze wonke umuntu akuthole; yingane kubefundisi basesontweni nokunye nokunye, kodwa akulona uhlobo lwengane.

24 Kodwa sifuna ukuletha lokhu phambi kwabantu. Lena yinhloso yami, ukukholwa ukuthi iNkosi uJesu Kristu ayifile, kodwa Iyaphila. Abaprofethi bafika, bababulala ngamunye ngamunye, abaprofethi namakhosi kanjalonjalo, babulawa. Lapho iNdodana ifika, bathi, "Iyindlalifa, ngakho sizoYibulala." Kodwa ngenkathi beYibulala, Yabuye yavuka futhi. Ngakho Iyaphila kuze kube phakade, futhi Iyiyo izolo, namuhla, naphakade. Futhi uma nje bengingathola abantu ukuba bakuqonde lokho, uzobona into ethize yenzeka ngokuzenzakalelayo lapha ezo . . . izozamazamisa izwe lonke.

25 Manje, khumbulani, lapho sikhuluma "ukuzamazamisa izwe," lokho akusho ukuzamazamisa amasosha anganamsebenzi ongako phandle lapha, kukhona izigidi phansi-na-phezulu kulolugu lapha ezizibiza ngobuKristu, azisoze zabona lutho. Kunjalo. Ngenkathi—ngenkathi uJohane efika, kwakungekho ikhulu labantu abake bazi ukuthi wayesemhlabeni. Ngenkathi uJesu efika, ngiyangabaza ukuthi kwakunabaningi aba . . . babantu abaphila emhlabeni abake bazi ukuthi Wayelapho. Wathunyelwa nje kulabo Yena aye ca- . . . "Bonke uBaba aNgiphe bona bayokuza. Futhi akukho-muntu ongeza, uma uBaba waMi engambizanga." Niyabo?

26 Ngakho kungokwaleloqembu elikhethiwe elibiziwe. UMlayezo uzophuma, kodwa Uyovele udlulele phambili ngqo. Njengoba Athi, "Abanye bawela eceleni kwendlela, abanye *ngapha*, kodwa abanye bawela." Futhi okuningi kwakho kuwukugcwalisa nje, ukugcwalisa isikhathi. Izigidi zabantu abazibiza ngobuKristu bazokugeja ngamamayela ayisigidi. Kunjalo. Konke kusekwenzeni kukaNkulunkulu. Manje, asifuni ukungena kuleyomininingwane, kulapha eBhayibhelini, futhi yiZwi leNkosi impela.

27 Ngakho into okufanele uyenze, futhi okufanele ngiyenze, ukufuna insindiso yethu uqobo, hhayi nje ngokuhlofuhlofuza, kusho ngaphezu kwakho konke okusemhlabeni, futhi noma yini kuwe. Leli yithuba lakho, futhi ungathathi noma yiliphi ithuba lokukugeja. IZulu likhulu.

28 Esikhathini esingeside esidlule, abaningi benu bafundile kwiphephabhuku mayelana nokuguqulwa okuncane iNkosi enginika khona. Hhayi ukuguqulwa, ngeke ngikusho

ngaleyondlela, kukhubekisa abantu. Umbono, ngingasho. Ngiyibonile leyoNdawo, ngangilapho. Bengifanele ngazi ukuthi imibono uyini, ngike ngayibona kusukela ngisengumfanyana. Futhi ngicela noma ubani ake angitshele lapho okukodwa kwakuyiphutha, akusoze kwaba yiphutha futhi kube nguNkulunkulu. UNkulunkulu angeke abe nephutha. Niyabo? Akusimina, nginephutha ngaso sonke isikhathi, kodwa aKalokothi abe nephutha. Ngakho lapho Ekhuluma, kuyiqiniso.

29 Ngibonile, esikhathini esingeside esedlule, ngangimi ekamelweni elingumhubhe, ngilinde indiza, futhi ngabona lapho ababethumele khona phansi e. . . okujule ngemayela olwandle, futhi wayethathe, ezansi lapho lapho lezozinhlanzi, ezingenamehlo. Futhi ba—futhi babenokukhanya lapho, babekhombisa impilo yasolwandle ebukeka kabi kakhulu. Futhi labo, ezinye zazo zazinefosiforasi phambi kwazo. Futhi ngangicabanga. Kwaqhamuka enye, ebukeka njenge. . . into ethize egqoke isigqoko esingushimula, Angikaze ngiyibone into ebukeka kabi kangaka. Manje, uma. . . Leyonto yayingenawo amehlo, kodwa nokho inomunye umuzwa lowo uyisiqondiso sayo sokuthola ukudla kwayo.

30 Futhi ngangicabanga, ngenkathi ngangibuka kulokho, "Ukube-ke bengingasebenzisa amehlo ami, futhi ngivumele leyonhlanzi encane izinikele kimi, ngomuzwa wami wokubona na? Bengingayiqondisa kanjani!" Bengingakubona ukudla kwayo le *ngapha* futhi ngithi, "Ungayinaki iradar isibonisa kude sakho, noma ngabe yini odlula kuyo, ngoba ufanele usondele kukho. Ngingakutshela ukuthi ukudla kwakho kukuphi." Futhi bekuzovele kungilalele, uku. . . Umbono wami wokubona mkhulu kakhulu kunomuzwa wakhe wokuthi ufanele aziqondise kanjani, ukuthi wayeyoba ngcono kangakanani, ukuthi wayengazondla kanjani! Yimuphi umehluko. . . Ubezoba inhlanzi encane eyinqaba, kodwa ubezobe elandela umuzwa wokubona owawungcono kakhulu kunomuzwa ayelawulwa ngawo.

31 Kungaleyondlela ngoMoya oNgcwele. Uma nje singavumela uMoya oNgcwele, lowoMuzwa omkhulu kaMoya oNgcwele usiqondise, futhi usibonise izinto ezizayo, ngale kwezinto! Niyabo?

32 Manje, uma-ke leyonhlanzi encane ibingaba, ayikaze ikubone ukukhanya kwasemini, ukuba-ke ibingazama ukwenyuka emanzini na? Ibingeke ikwenze. Icindezelwe ngalokho kujula kolwandle, uma ikhuphuka ibingaqhuma.

33 Sicindezelelwe umhlaba. Asikwazi ukuhamba. . . Isiqephu esincane phezulu futhi besiyoqhuma. Kunjalo. Kodwa manje, ukuba-ke leyo nhlanzi encane ibingaba yimi na? Bengingake ngifune ukubuyela kulowoyinki omnyama waphakathi kwamabili ezansi lapho, futhi ngiphinde ngibe yilolohlobo

lwesilwane futhi, nalolohlobo lokubona, noma, imizwa na? Qhabo, mnumzane. Ngingathanda ukuba ngumuntu.

34 Manje phindaphinda lokho ngezigidi eziyikhulu, futhi khona-ke uNkulunkulu uzofanele aguqule lesisidalwa esifayo esiyiso. Siyacindezelwa futhi senyuselwe eBukhoneni baKhe lapho ku . . . Asifuni neze ukuba naloluhlobo lwento futhi, ngale kwalokho, siguquliwe sisuka esidalweni.

35 Lalelani, bangane bami abathandekayo, nina bantu lapha, angikho lapha ngenxa yokungabi nandawo engingaya kuyo, Ngilapha ngoba ngizizwe ngiholeleka ukuza lapha. Lapha kuhlezi umphathi nencwadi egcwele izindawo, umhlaba wonke. Niyabo? Kodwa ngizizwe ngiholeleka ukuthi ngize lapha, ngiza lapha ngedlula ebunzimeni. Abazalwane lapha, njengoba besisemhlanganweni ngokunye ukusa, ngithemba ukuthi nikubambile obekwenzeka ekudleni kwasekuseni. Futhi lapho, ngibona ngaphansi kobunzima, bangilethe lapha, bazi ukuthi ngisho nangaphambi kokuba ngisuke ekhaya, ngombono ngikubona.

36 Futhi silapha ngoba uNkulunkulu unokuthile lapha. Namuhla ekuseni, cishe ngelesishiyagalombili nqo kulokhu ukusa, ngihlwithiwe embonweni, futhi ngibonile, bengikhathazekile ngomhlangano, futhi ngibone owesifazane eza phambi kwami futhi wahlala phansi.

Futhi uthe, "Kumangalisa ngaphezu kwanoma yini esingayicabanga."

Futhi ngacabanga, "Kuyini lokhu na?"

37 Futhi ngiMuzwile ekhuluma kimi, wathi, "Qhubeka nje ucindezele, ungesabi. Qhubeka uhambe." Ngakho ngiyazi, ngazi ngaphandle kwanoma yisiphi isithunzi sokungabaza. Lowo ngu-ISHO KANJE INKOSI. Kukhona into ethize elungiselela ukwenzeka, noma eqhubekayo lapha. Kuphakathi kokuthi nizobona imvuselelo enkulu ezenzakalelayo, noma nizobona ukwahlulelwa, noma kukhona umuntu othile Amfunayo. Kukhona okuthile, angazi. Kodwa Ukujabulele ukwenza esikwenzayo njengamanje. Qhubeka udonsa bonke ongakwazi, futhi sizame okusemandleni ethu, yilokho kuphela esikwaziyo. Futhi uma ungikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, khumbula lokho kuseGameni leNkosi.

38 Manje, kulula, ngizama ukukwenza kube lula, ngikugcine ngaleyondlela. Lapha esikhathini esingeside esedlule, indoda ekholwayo ekahle kakhulu, enokuma okukhulu kulesisizwe, futhi yangibizela ekamelweni layo, futhi yathi, "Mfundisi Branham, ngifuna ukusho okuthize kuwe."

Futhi ngathi, "Yebo, mnumzane. Isho."

Futhi yathi, "Ngiyakwazisa njengenceku kaKristu, nokuthi ngiyakholwa ukuthi uyiyo."

Ngathi, "Ngiyabonga, mnumzane. Ngingakuhalalisela." Sasiyimibono emibili ehlukene, kodwa nokho siyabonana njengezinceku zikaKristu.

Yathi, "Ngikulethe lapha ukuze ngikukhulekele."

"Ngiyabonga, mnumzane." Ngathi, "Ngiyakudinga impela."

Futhi yathi, "Ngifuna ukukubuza okuthize." Yathi, "Kungani ungayeki ukubachukuluza labobantu na?"

Ngathi, "Uchaza ukuthini, mnumzane na?"

39 Wathi, "Uyaqhubeka kulabo besifazane mayelana nokuphungula izinwele zabo, ukugqoka izingubo ezingcolile, nabayeni babo, ukuthi bancane kangakanani ukuvumela ababo owesi-. . .amakhosikazi enze izinto ezinjalo, futhi beqhubeka kanjalo." Yathi, "Abantu bakuthatha njengomprofethi."

Ngathi, "Wake wangizwa ngithi nganginguye na?"

40 Yathi, "Qhabo, kodwa abantu bakuthatha kanjalo." Yathi, "Uyabona, ubufanele ngabe ufundisa labobantu ukuthi zemukelwa kanjani iziphiwo ezinkulu zikamoya, futhi baphakanyiswe, nokuba nezinto zaseZulwini kanjalo, nezibonakaliso ezinkulu zikaMoya. Ubufanele ngabe ufundisa lokho, esikhundleni mayelana nezinwele zabo eziphunguliwe, nokugqoka izingubo ngendlela abenza ngayo."

41 Ngathi, "Mnumzane, uma bengeke baqonde o-ABC babo, ngizobafundisa kanjani ongwaqa na?" Kunjalo. Hhayi ukuhlonipha kwabantu bonke eZwini likaNkulunkulu! Uyazi ukuthi u-ABC umeleni na? Kholwani NguKristu Njalo, futhi UyiZwi. Kunjalo. Ya.

42 Yini eyenza abantu benze lokho na? Umzuzu nje. Yini eyenza abantu benze lokho na? Yingenxa yokuthi uveza yona kanye into uNkulunkulu ayibeke kuwe, womele Into ethize, futhi uzama ukuyenelisa ngezinjabulo zalelizwe.

43 UNkulunkulu wenza umuntu ukuba ome. Ngenkathi Enza inhliziyo yakhe, Wamenza ukuba ome ngoba Wamenza ukuba omele Yena. Futhi alokothe noma ubani ukuzama uku—ukwanelisa lokho koma okungcwele ngezinto zezwe! Lokho kwafakwa kuwe ukomela Yena, "Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi, umphefumulo wami womela Wena, O Nkulunkulu."

44 Akukhona ukuthi ngithukuthelele iBandla, ngiyathandana neBandla. Futhi ngiyakwazi ukuthi—ukuthi kukhona okulungiselela ukwenzeka. Futhi yingakho ngithi, "Lungelani, bantu. Angeke nizenze lezozinto, ukubonakala kwakho kwangaphandle kubonisa ukuthi umsebenzi wangaphakathi womusa awukenziwa."

45 Kungakhathaleki ukuthi umemeze kangakanani, ukuthi ukhulume kangakanani ngezilimi, wasina kuMoya, noma ngabe

yini ongayibiza ngamadlingozi akho, ngaphandle uma lokho kuphila kuhambisana naleliZwi . . . Futhi uyalizwa leloZwi, futhi ulifulathele na? Kukhona okungalungile. UMoya oNgcwele okuwe uyohlale ugcizelela iZwi ngo, "Amen. Yiqiniso." Niyabo? Kunjalo. Ngakho yilokho engizama ukukwenza, ngizama ukusakaza yonke into engingayenza. Kusothandweni.

46 Ngenkathi u-Eliyeza ethunyiwe esuka ku-Abrahama ukuba ayofunela indodana yakhe umlobokazi, u-Isaka umfanekiso kaBaba, neNdodana, nenceku, kanjalonjalo, u-Eliyeza wajuluka waze wathola isimilo. Futhi lapho ethola isimilo, wayenaso. Futhi yilokho uMoya oNgcwele ozama ukukuthola namuhla, yisimilo. Ungeke ube nesimilo uze ube nokukholwa, nokukholwa kuveza isimilo. Futhi ngenkathi ethola uRebeka omuhle . . .

47 Qaphelani, ngenkathi efika ku-Isaka, wamboza ubuso bakhe ngeveli. Kungani na? Wayengasenanhloko, indoda yayiyinhloko. Lapho owesifazane eshada, ufaka iveli ebusweni bakhe. Ngani na? Uza enhlokweni yakhe. Futhi iBandla, lapho uMoya oNgcwele ethola iBandla, LiZimboza ngeveli, uKristu uyiNhloko yaLo, futhi uKristu uyiZwi. Alisenandaba namasiko aLo nezinto, noKristu uyiNhloko yaLo. Isimilo!

48 Eminyakeni eminingi edlule, babevame ukuba nezigqila ezansi eningizimu, futhi lezozigqila zazidabukile. Futhi bazithengisa njengoba ubungenza ngemoto esebenzile, phandle lapha endaweni, bezithengisa endalini, uthole incwadi yokuthengisa nabo, izidalwa ezingabantu. Lokho akulungile, akukaze kulunge. Ngingowaseningizimu, kodwa kwakungalungile.

49 UNkulunkulu wenza umuntu, futhi umuntu wenza izigqila. Alukho uhlanga oluzobusa phezu kolunye. Singabafowethu, abavela esihlahleni esifanayo, u-Adamu, futhi singabafowethu. Singathelekisana ngegazi, indoda ebomvu, indoda emnyama, indoda ensundu, noma kungaba yini. Siyizidalwa ezingabantu, futhi akufanele senze izigqila zomunye nomunye.

50 Kodwa bayafika, bathengisa endalini, futhi bathatha isigqila esikhulu esisindayo kumkaso omncane ozacile, bamhlalisa ngapha, futhi bamzalalinise nomunye wesifazane owayemkhulu, ukuze azale izigqila ezinkudlwana. Lokho kwakungukungamesabi uNkulunkulu, akukaze kulunge.

51 Esikhathini esithile esedlule ngangisemnyuziyemu othile. Ngangiqaphela, ngedlula emnyuziyemu, kwakukhona indoda endala eyikhaladi, futhi yayinendingilizi yezinwele ezincane ezimhlophe nje ekhanda layo. Cishe sekuyiminyaka engamashumi amabili nanhlanu edlule, ngiqagele, mhlawumbe amashumi amathathu. Ngangibuka, lomfo, futhi wayeqalaza nxazonke.

Ngiyamangala, "Ufunani lomuntu omdala onsundu na?" Wayebuka yonke indawo njengoba eqhubeka ehamba.

Futhi emva kwesikhashana wafika endaweni ethile, futhi wama khona manjalo, wahlehla, wagebisa ikhanda lakhe, waqala ukukhuleka.

52 Ngambuka imizuzu embalwa, ngaya ngale ngasondela kuye. Ngathi . . . Izinyembezi zazigeleza ezihlathini zakhe ezimnyama. Ngathi, "Ngicela uxolo, Malume," njengoba sibiza i . . . kakhulu, umzalwane oyikhaladi, "Malume," ngathi, "Ngicela uxolo, Malume, kodwa ngiyabona ubukhuleka." Ngathi, "Ngingumfundisi, ngingumfundisi weBaptisti, futhi ngithanda ukukubuza ukuthi kungani ubujabule ngokweqile. Yini ekujabulise ngokweqile na?"

53 Wangibuka, wasula amehlo akhe, wangibamba ngengalo, wathi, "Buka olele lapho." Ngabheka ngaphansi kwengilazi, futhi kwakungekho lutho ngaphandle kwengubo yowesifazane, ingubo eyimfashini endala.

Futhi ngathi, "Yini emangazayo kakhulu ngalokho, obekungakujabulisa ngokweqile na?"

Wathi, "Mnumzane, uyalibona lelobala lapho na?"

Futhi ngathi, "Yebo, mnumzane."

54 Wathi, "Lelo yibala legazi lika-Abraham Lincoln." Wathi, "Ngasohlangothini lwami kunophawu lwebhande lesigqila, lelogazi langikhulula kulelobhande lesigqila. Bekungeke kukujabulise ngokweqile lokho na?"

55 Ngacabanga, "Uma lokho bekungajabulisa ngokweqile, igazi lika-Abraham Lincoln, bekungajabulisa ngokweqile isigqila ngoba sakhishwa ebhandeni lobugqila, bekufanele lenzeni iGazi likaJesu Kristu eBandleni na?" Bekufanele kusiphonse emadolweni ethu ngezinyembezi; sasiyizigqila zikaSathane, Wakhumula ibhande kithi.

56 Ngeliny'ilanga, ehlathini lokutshala elidala, umthengi uyafika. Kunezigqila eziningi, futhi babedingeka bazibhaxabule ngoba zazidabukile. Zalethwa zivela e-Afrika ngamaBhunu, futhi zathengiselwa kubantu baseningizimu ukuze zibe yizigqila. Kwase kuthi-ke lapho beqaphela lokho, njalo, ukuthi . . . Zazidabukile, zazingeke ziphinde zibuyele ekhaya, zazingeke zaba nobaba, umama, kanye . . . zingasoze zaba nonkosikazi, nabantwana. Zazi—zazidabukile, futhi babedingeka bazibhaxabule ukuzenza zisebenze.

57 Kodwa lomthengi wezigqila, ngelinye ilanga waqaphela lapho, kwakukhona insizwa eyodwa babengadingekile ukuba bayibhaxabule, isifuba siqhunsuliwe, isilevu siphakeme, siyiso ngqo nganoma yisiphi isikhathi. Nomthengi wathi, "Ngingathanda ukuthenga lesosigqila."

Kodwa umnikazi wathi, "Asithengisi."

Wathi, "Yini esenza sehluke kangaka kwezinye izigqila na?" Wathi, "Ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?"

Wathi, "Qhabo, siyisigqila. Ngasithenga, futhi sona, isigqila nje."

Wathi, "Awu, mhlawumbe usondla ngokwehlukile kuzo zonke ezinye."

Wathi, "Qhabo, qhabo. Sona . . . Ngi . . . Zonke zidla phandle lapho, ekamelweni lokuphakela emkhunjini, njengazo zonke ezinye izigqila."

Wathi, "Khona-ke yini esenza sehluke kangaka kuzo zonke ezinye na?"

58 Futhi umnikazi wathi, "Ngazibuza lokho isikhathi eside, kodwa ngelinye ilanga ngathola. Phesheya ezweni lendabuko, ungowezizwe lapha, kodwa phesheya ezweni lendabuko, lapho evela khona, uyise uyinkosi yesizwe. Futhi nakuba engowezizwe, futhi kwelinye izwe, uziphatha njengendodana yenkosi."

59 UNkulunkulu abe nomusa kithi. Uma singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, nokho singabezizwe kulokhu kuphila . . . UNkulunkulu ufuna isimilo kwabesilisa nabesifazane abangaziphatha njengamadodana namadodakazi eNkosi. Nkulunkulu yiba nomusa kithi, ukuthi sizokwenza.

60 Yilokho engikufunayo bangane, isimilo. Yilokho uNkulunkulu akudonselayo, isimilo salowoMlobokazi oyokhishwa. Futhi njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, asiziphathe njengakho, sibe amadodana namadodakazi. Nkulunkulu sisize.

61 Ngifuna ukusho okuthize. Ngifuna ukumemezela indaba yami kulobubusuku. Yingakho ngikugcina kulula. Manje, hloniphani ngempela, futhi nilalele imizuzwana embalwa nje. Futhi khumbulani inhloso yami ukuthi, ngomkhuleko nangokukholwa, lethani uJesu Kristu, uNkulunkulu enimthandayo futhi enimkhonzayo, angene phakathi kwenu ngqo.

62 Kungani ningaMemukeli futhi niMkholwe, ngenkathi Ekhona lapha kanye nani, nezithembiso zeBhayibheli ngemuva na? Yingalesosizathu ngikwenze ngendlela okuyiyo, kulula nje ngempela, ukuze ningakugeji. Niyabo?

63 Manje, lapho Ekhona lapha nani, ehamba eyaphambili ngqo edabula kini, eZifakazisa khona lapho kanye nani, njengoba umBhalo wathi Wayenjalo, nokuthi Wayeyoba yini . . . Lokho Ayeyikho, Useyikho, futhi uyobanjalo phakade. Futhi Mbukeni ehambahamba phakathi kwenu, bese kuthi-ke lokho . . . kimi, lokho bekufanele kukuxhuxhumise ngendlela ubuyo—ubuyovele utshale kukho konke ukungakholwa, ubeke eceleni konke okwakungukungamesabi uNkulunkulu, usukume wenze ukuvuma kwakho.

64 EGrass Valley, kungekudala, emavikini ambalwa edlule, ngikhulume ngokuziphatha kabi kwebandla namhlanje, futhi

wonke umuntu wesifazane ophungule izinwele esta-. . . basukuma, nabefundisi basukuma, futhi bakhalela umusa. Khona-ke uNkulunkulu, ngabo kanye ubusuku obulandelayo, wathulula zonke izihlalo, zonke izihlalo ezinamasondo, zonke izinhlaka zemibhede, konke okunye, futhi kwenza wonke umuntu waphila ngokuphelele.

65 Mfowethu, uNkulunkulu unezimo okufanele uhlangabezane nazo. Niyabo? Ufanele uhlangabezane nalezo. Futhi uma ungakwazi ukwenza izinto ezincane zasemhlabeni, sizoke sivuke kanjani *lapha* futhi sifundiswe izinto zaseZulwini na? Ngakho asikugcine kungokwasemhlabeni, ize idlule leyongxenye, khona-ke siyokhuphukela emaZulwini.

66 Ngizomemezela indaba yami ngaphambi kokuba ngifunde umBhalo. Indaba yami kulobubusuku ithi: *UbuFakazi OLwandle*. Futhi indikimba yami kulobubusuku ithi: "Ningesabi; YiMina." Manje, khumbulani, indaba yami ithi: *UbuFakazi Phezu KoLwandle*, nendikimba yami ithi: "Ningesabi; YiMina."

67 Manje, kuwena ofuna ukufunda umBhalo, asiphenye eBhayibhelini manje, iZwi likaNkulunkulu, ngamunye, uneBhayibheli lakhe, ngifuna nina, niphenye futhi nifunde kanye nami uMathewu, isahluko se 14, futhi siqale ngevesi lama 22.

> *UJesu wayesecindezela masinyane abafundi bakhe ukuba bangene emkhunjini, bamandulele ukuya phesheya, aze amukise izixuku.*
>
> *Esezemukisile izixuku, wenyukela entabeni eyedwa ukuyokhuleka: sekuhlwile, wayeyedwa lapho.*
>
> *Kepha umkhumbi wawususukile elwandle, ushukunyiswa ngamaza, ngokuba umoya wawuphambene.*
>
> *Ngomlindo wesine wobusuku uJesu weza kubo, ehamba phezu kolwandle.*
>
> *Kepha abafundi sebembonile ehamba phezu kolwandle, bashaywa luvalo, bethi, Yisithunzi; bakhala ngokwesaba.*
>
> *Kodwa uJesu wakhuluma kubo masinyane, wathi, Yimani isibindi; yimina; ningesabi.*

68 Kungahle ukuba kwase kuleyithi. Babekade benomhlangano omkhulu ngalolosuku. Ilanga lase liyoshona, lishona ngaphesheya kwechibi elincane laseGalile. Futhi bonke babekhathele, babekhandlekile, imihlangano yosuku olukhulu, abantu. Ngenza lokhu umdlalo wasesiteji ukuze abantwana bengakubamba. Futhi wonke umuntu wayekhandlekile futhi ekhathele.

69 Ngiyawubona lowomhlane omkhulu omnyama walowo mdobi omkhulu, lapho edonsa esikebheni, esiphusha sinqamula esihlabathini waze wasifaka emanzini ukuze sintante ngaphansi kwe. . . emanzini, wakhwela ngemuva kwesikebhe, wase ehlala eduze komfowabo u-Andreya.

70 Futhi bonke osebeni, kungahle ukuthi kwakuyizinkulungwane zabantu, bonke. . . abanye babo besula izinyembezi emehlweni abo futhi bethi, "Nibuye. Niphinde sibone. Mbuyiseni futhi."

71 Uyazi, kunokuthile mayelana nokuba nomhlangano, ukuthi lapho unomhlangano wokomoya omuhle lapho kukhona okuthize okwenzekayo, izinto ezinkulu sezenzekile, uyakuzonda nje ukushiya abantu, futhi abantu bayakuzonda ukukubona ubashiya.

72 Lokho bekuhlala kuwubuhlungu benhliziyo obukhulu, kimi, emva komhlangano omkhulu ukuthi, "Nisale kahle," Ngiyazi kunabaningi lapho engingeke ngiphinde ngibabone kulempilo. Futhi engikushilo kuqoshiwe ezincwadini, Ngizofanele ngihlangane nabo ngalokho ngoSuku lokwaHlulelwa. Ngakho ngifanele ngikuqaphela engikushoyo, ngikugcine neZwi.

73 Manje, lapho becosha izigwedlo zabo, futhi beqala ukusuka, mhlawumbe babeyo. . . Manje, lezozinsuku izikebhe zazinga—zazingahambi ngezinjini, njengoba sinazo namuhla, kwesinye isikhathi kwakunguseyili. Basebenzisa kokubili useyili kanye nesigwedlo. Futhi kwakungewona umkhumbi njengoba sinawo, njengoba iBhayibheli likubeka lapha, "emkhunjini," kodwa kwakuyizikebhe ezinkulu, ezifana ne—isikebhe sezinhlanzi. Futhi zazinezigwedlo, ezinkulu, izigwedlo ezinkulu kakhulu, futhi umuntu owayephethe lezizigwedlo kwakufanele azi ukuthi wayenzani, ngoba amagagasi . . .

74 Noma ubani uyazi ukuthi uma ungena esiphephweni emachwebeni, noma olwandle, angeke nje uvumele leso sikebhe sizishayele, futhi usike, sizocwila. Ufanele ukwazi ukuthi uwabamba kanjani lamagagasi, futhi uwagibele ukhuphuke ubheke emaceleni, naphansi. Uma ukhuphula isikebhe sakho ngqo, futhi sifika phezu kwamaza, kungcono ubheke, kuzosicwilisa, sizohamba ngqo, sigcwale amanzi. Ngakho-ke kufanele wazi ukuthi ugibela kanjani lawo magagasi ngesikebhe.

75 Ngakho ngakho-ke, ngokuvamile babefaka, mhlawumbe indoda ohlangothini ngalunye, esikebheni esincane. Ngezinye izikhathi babenababili esigwedlweni, kodwa ngokuvamile indoda eyodwa esigwedlweni esikebheni esincane sezinhlanzi, njengoba lesi sasinjalo, futhi babegcina isikhathi. Kwase kuthi-ke, lapho bengena esiphephweni babefanele bazi kahle impela nje ukuthi zidonswa kanjani lezizigwedlo ukwenza lesisikebhe sigibele amagagasi, ukuze bakwazi ukusigibela siphume.

76 Khona-ke babenoseyili, lapho imimoya wawuvunguza, amagagasi ayengemakhulu kakhulu, babekwazi ukuthatha loseyili futhi babethele ngezipikili ngezinye izikhathi. Futhi niyazi ukuthi kukanjani, ekuntwezeni ngomkhumbi. Kodwa lokhu kwakubushelelezi ngempela, kwakuwusuku oluhle, futhi u—futhi ulwandle okudala lwaluthule nje, kungekho mgelezo ongashoni kulo.

77 Kwakufanele ukuthi kwakujabulisa kanjani ukucwilisa lezozigwedlo kulawomanzi afreshi, futhi bagobise leyomihlane kulokho, futhi ngesikhathi nje, isigwedlo ngasinye, kufana nesigqi. Khona-ke benza izigwedlo ezimbili noma ezintathu, futhi othile wayema, futhi bonke bavayizelise nisale kahle, futhi kanjalo kanjalo kuze kuthi iqembu elincane osebeni liqala ukuba lincane ngokuba lincane; futhi kubo, isikebhe esincane saya ngokuba sincane lapho bephuma. Ekugcineni, base bedlulile ekubonaneni, baphumela olwandle. Ilanga lase liyoshona impela manje, imishwe ebomvu phezulu esibhakabhakeni esuka elangeni, ezintabeni zaseGalile ezikude.

78 Futhi khona-ke siyaqaphela, lapho beqhubeka behamba, kufanele ukuthi kwakunguJohane omncane, wayengomncane kunabo bonke esixukwini, wakhathala. Wayengakwazi ukugwedla njengalabo badobi abadala, ababehlale olwandle impilo yabo yonke, nezingalo ezinamandla, futhi ejwayele lokho kugwedla imini nobusuku.

79 UJohane osemncane, futhi yena, mhlawumbe eminyakeni yakhe engamashumi amathathu, noma engamashumi amabili, noma engamashumi amathathu, kufanele ukuthi wama futhi wesula umjuluko, waphonsa izinwele zakhe ngemuva ezisusa ebusweni bakhe, wayesethi, "Whewu! Bazalwane, ake—ake siphumule imizuzu embalwa. Ngi . . . Lokhu, kuthi ukungikhandla impela, ngikhathele." Futhi badonsela izigwedlo ngaphakathi, kungahle ukuthi kwathula imizuzu embalwa, kungekho muntu osho utho.

80 Futhi emva kwesikhashana uJohane omncane kufanele ukuthi waphenduka futhi wathi, "Ngingathanda ukufakaza sisaphumule lapha." Uyazi ukuthi kunjani emva kokuba ube nomhlangano, kukhona okwenzekile, kuyakuxhuxhumisa, ufanele ufakaze ngakho. Uzofanele utshele othile ngakho.

81 Ngakho uJohane omncane wathi, "Ngingathanda ukunikeza ubufakazi. Leyo yinto eyodwa, ukuthi emva kwanamuhla singasho ngeqiniso ukuthi asilandeli umprofethi wamanga. Impela bekwenelisa kunoma ngubani, namuhla, ukubona ukuthi asilandeli ifa- . . . silandela umprofethi wamanga, njengoba abafundisi abaningi, bezinsuku zethu, besitshela ukuthi sinjalo. Silandela uMuntu ongeyena owanoma iyiphi inhlangano enkulu, Uyabalahla nokunye nokunye. Futhi basitshela ukuthi sibheke ekupheleni okujulile, kepha asinjalo, ngoba ngiyakhumbula

ngokucacile lapho ngisengumfanyana. . . ” Manje, sizolalela umhlangano wobufakazi. Ake sihlanganyele nabo manje, sicabanga ngathi uqobo.

82 UJohane uthi, “Ngenkathi ngisengumfanyana, ngiyakhumbula lapho umama wayengifaka egosini. Sakhuliswa ezansi eduze kwaseJeriko. Futhi ngesikhathi sasentwasahlobo, lapho ngangikhela umama isixha sezimbali, futhi—futhi ngangibona amehlo akhe amahle ansundu lapho ngangiziletha kuye, futhi wayengigaxa ngezingalo zakhe, futhi angithunduzele, futhi angiculele amaculo ngoNkulunkulu, futhi wayevame ukungixoxela izindaba zeBhayibheli. Futhi ngangithanda kanjani ukuzwa lezozindaba zeBhayibheli!

83 “Futhi wangitshela mayelana, ezansi nje kwezibuko lapho, omkhulu, uJoshuwa onamandla wema lapho, ngolunye usuku, futhi wayala lawomanzi ukuba abuyele emuva, ngenyanga ka-Aphreli, lapho amanzi ayegeleza ehla. Futhi iJordani lathula ngenkathi abantu bakithi behamba bengena ezweni ababelithenjisiwe.

84 “Ukuthi wahlangana kanjani neQhawe elikhulu, ngenkathi lihosha inkemba yaLo limi ngasesangweni. Futhi yena, uJoshuwa, iqhawe elikhulu, wahosha inkemba yakhe ukuhlangabezana neNdoda, futhi wathi, ‘UnguBani na? Ingabe Ungowethu na? Noma Ungo, izitha zethu na?’

“Futhi Wathi, ‘Mina ngiyiNduna yebandla leNkosi.’ Futhi uJoshuwa walahla isigqoko sakhe sokuvikela, wawa ngamadolo.

85 “Ngikhumbula uMama esitshela, engitshela, njalo, lapho engithunduzela, wathi, ‘Lalela, Johane, mfana wami omncane, kholwa njalo uNkulunkulu. Ngelinye ilanga ngenkathi abantu bakithi babeyizigqila, ezansi eGibhithe, uJehova uNkulunkulu omkhulu wathumela umprofethi waKhe ezansi lapho. Ukulandela, sakwenza, iNsika yoMlilo, abantu bakithi, futhi baphumela ehlane bengenalutho, izingubo nje ababezigqokile. Futhi uNkulunkulu wehlisa isinkwa njalo ebusuku, futhi wasibeka emhlabathini, futhi abantu bakithi badla isinkwa kulelohlane iminyaka engamashumi amane.’

86 “Futhi ngangivame ukushisekela njengomfana omncane, Ngathi, ‘Mama, ingabe uNkulunkulu unawo wonke, uhla olukhulu lohhavini phezulu lapho eZulwini, nesigejane seziNgelosi ezisebenza umsebenzi wasebusuku, ukuthi zikhuphukela lapho, futhi zibhake sonke lesisinkwa, futhi zigijime zehle, futhi zisibeke phansi na?’

87 “Wayevele athi, ‘Qhabo, ndodana. Uyaqonda njengomntwana. UNkulunkulu akudingeki abe nohhavini bokubhaka. UNkulunkulu unguMdali, futhi konke uNkulunkulu okwakumelwe akwenze kwakuwukukhuluma nje iZwi, futhi isinkwa sawela emhlabeni.’

88 "Futhi manje, bazalwane bami," wathi, "namuhla ngenkathi ngibabona beletha lowomfanyana phezulu lapho, nalawomabhisikidi amancane amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi ngiMbonile ehlephula lesosinkwa futhi andisa lokho ukondla abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, ngazile lowo bekungesuye umprofethi wamanga. Ubedingeka ahlanganiswe noJehova uNkulunkulu, ngoba lapha futhi, yena impela uNkulunkulu, esikholelwa kuye, ubekhona lapha, enza imisebenzi yaKhe efanayo futhi, Ubedala isinkwa. Kufanele kube nguNkulunkulu ofanayo owaholela abantu bakithi kulelizwe." Impela.

89 Ngifuna ukunibuza. Lowomfanyana, mhlawumbe edlala ukulova esikoleni, nalelobhisikidi elincane, noma amabili, ezandleni zakhe . . . Niyabo, lelobhisikidi elincane lalingasho lutho, lalingakwazi ukumnakekela inqobo nje uma wayenalo. Inqobo nje, kwakusezandleni zakhe, bekungekuningi kakhulu, kodwa lapho kubekwa ezandleni zikaJesu, kondla izinkulungwane ezinhlanu.

90 Futhi lokho kukholwa okuncane onakho kuNkulunkulu, inqobo nje lapho uzibambele khona wena uqobo, angeke kusho okuningi kakhulu, kodwa kanye, kunikeni Yena, nibone ukuthi kwenzekani.

91 Uma kungenzeka kubekhona usosayense, ngithanda ukunibuza: Hlobo luni lwe-athomu Aludedela lapho na? Kwakungeyona inhlanzi kuphela, kodwa kwakuyinhlanzi eziphekiwe; kwakungesiso isinkwa sikakolweni kuphela, kodwa kwakuyisinkwa esiphekiwe.

92 Ngiyamuzwa uJohane ethi, "Ngimile ngaMbheka. NiMqaphelile, ukuthi ubezothile futhi ethule kanjani na? Ubengesabi, Uthe, 'Zingaki eze . . . Singakanani isinkwa onaso?'

"Wathi, 'Sithole olofu abayisihlanu nezinhlanzi ezimbili.'

"Wathi, 'Ziletheni kiMi, futhi wabangela amahambisanayo bahlale ngamashumi amahlanu.'" O, he. Engajabule ngokweqile, Wayazi impela ukuthi Ubezokwenzani.

93 Futhi wathi, "Bazalwane, Ubengabukeki yini njengoJehova na? Niwaqaphelile amehlo aKhe, ukuthi aqine kanjani, ukuthi abebukeka kanjani na? Ubebukeka njengoJehova nje." Futhi WayenguJehova, emi lapho ehlephula lesisinkwa, andisa lezizinhlanzi nezinto, futhi ondla abantu abayizinkulungwane ezinhlanu.

94 "Ngakho-ke, bazalwane, asilandeli umprofethi wamanga, ngoba uma uJehova wake waba nguJehova, Uzofanele abe nguJehova, futhi uma loMuntu Eyilokhu Athi Uyikho, iNdodana kaJehova, Uzokwenza imisebenzi kaJehova." Amen. Babunomqondo kanjani lobobufakazi. Kufanele ukuthi kwabaxhuxhumisa ngempela.

95 Futhi kufanele ukuthi kwakunguSimoni, niyazi, njalo wayefanele abeke ingxenye yakhe, noma kanjani, wathi, "Kuyamangalisa, Johane, ngiyabuthakasela lobobufakazi. Ake ngifake obami khona manje. Andreya, manje awuthule nje umzuzu," umfowabo, ehlezi eduze kwakhe. "U-Andreya wahamba wayohlala naYe ubusuku bonke, ngakusasa ekuseni, nangu ebuya engitshela, 'Simfumene uMesiya.'

96 "Manje, ngingumfundi weBhayibheli. Ngiyazi ukuthi uMesiya ufanele abe yini, futhi ngiyazi ukuthi bekukhona abaningi babo abafika bethi, 'uMesiya,' kodwa, futhi '*lona* bekunguKristu,' futhi 'isikhathi sase siseduze,' kanjalonjalo."

97 Njengoba kwabikezela ukuthi kuzoba njalo ngezinsuku zokugcina futhi, "Abaningi bayokuza, abaprofethi bamanga, bethi isikhathi sesisondele, futhi mina . . . uMesiya uphandle ehlane futhi uMesiya u*lapha*." Wathi, "Ningakukholwa. Niyabo? Ningakulaleli lokho."

98 Manje qaphelani, kodwa wathi, "Ubaba watshela u-Andreya nami, ngesinye isikhathi, ukuthi lapho uMesiya efika, Wayezofanele afike ngokomBhalo, uMesiya wangokomBhalo. Futhi ngenkathi ngenyukela eBukhoneni baKhe, ngalolosuku, nomfowethu u-Andreya, ehlezi lapha, futhi Wangibuka, ebusweni, wayesethi, 'Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJona,' ngangazi ukuthi Lowo kwakunguMesiya.

99 "Ngangazi ukuthi sasingenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane. Futhi ubaba wangibonisa emBhalweni, ngokomBhalo ogoqwayo kaDuteronomi, uMose awuloba, ukuthi uMose, umprofethi wethu, ukuthi sesiphile wonke lamakhulu eminyaka sithembekile ezimfundisweni zakhe, ukuthi wathi, 'INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa phakathi kwenu umProfethi, onjengami. Kuyakuthi yilowo nalowo, ongamlaleli lo mProfethi, uyakunqunywa kubantu.'

100 "Manje, ngangazi, nobaba wami wangifundisa, ngemiBhalo, ukuthi LowoMesiya wayeyoba ngumprofethi. Futhi ngenkathi ngiMbona enza isibonakaliso somProfethi, ngazi ukuthi Lowo kwakunguMesiya." O, kufanele ukuthi lokho kwenza okuthile kanjani kubo! Yebo.

Futhi uFiliphu wathi, "Ngithanda ukufakaza. Ingabe kulungile, Nathanayeli na?"

Futhi wathi, "Awu, qhubeka, unikeze ubufakazi bakho." Futhi uNathanayeli wathi, "Ngingalisho izwi kuqala na?"

101 Futhi wonke umuntu, uyazi . . . Futhi—futhi uNathanayeli wagxuma. Futhi—futhi wathi, "Hlala phansi, uyendezelisa isikebhe." Niyazi ukuthi kungena kanjani emhlanganweni wobufakazi, wonke umuntu kufanele asho okuthize, niyazi, masinyane impela. Futhi wathi, "U—ungalithola ithuba lakho. Kodwa hlala phansi, linda umzuzu. Thula uthi du, uyendezelisa

isikebhe." Futhi wathi, "Manje, hlala phansi futhi usitshele ubufakazi bakho."

102 Futhi wathi, "Ngenkathi uFiliphu efika kimi, ngangisemuva lapho, ngaphansi kwesihlahla, ngikhuleka. Futhi ngenkathi . . . Bengikhuleka kuNkulunkulu ukuba athumele uMkhululi. Futhi lapho uFiliphu ekhuphukela kimi, futhi wathi, 'Simfumene uMesiya. SiMtholile. Si—siyazi ukuthi UnguBani, YiNdodana kaJosefa, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa,' ngangimngabaza.

103 "Ngathi, 'Manje, linda umzuzu. Akukho okuhle okwakungavela eNazaretha, kuvela kuleloqembu labantu.' Kodwa wangikhuthaza, wathi, 'Woza, uzozibonela.'" Manje, leyo yimpendulo enhle. Ungahlali ekhaya futhi ukugxeke, woza, thatha iBhayibheli lakho, futhi ukuhlole, futhi ubone ukuthi liqinisile yini, ngokuba umphefumulo wakho, uyazi.

104 Ngakho khona-ke wathi, "Siza emhlanganweni, sathi sifika lapho uJesu waseNazaretha ayekhona, Wangibuka ebusweni ngqo futhi wathi, 'Bhekani umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!'

"Futhi ngathi, 'Rabi, Uke wangazi nini?'

105 "Wathi, 'Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona.' Futhi kwakwenelisa kakhulu kimi, lokho kwakuxazulula. Futhi bazalwane, niyazi nonke ukuthi ngenzani, Ngawela phansi ngqo ezinyaweni zaKhe, ngase ngithi, 'Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli,' ngoba ngangazi ngokomBhalo ukuthi Lowo kwakunguMesiya esasimbhekile. Ngakwazi ngesibonakaliso Asitshela sona."

106 Kufanele ukuthi kwakungu-Andreya, wathi, "Umzuzwana nje, sonke ake sicabange ngokuthile imizuzu embalwa. Niyalukhumbula usuku esasehlela ngalo eJeriko na?"

"Yebo, ngiyakukhumbula."

"Futhi niyakhumbula into ethize emangalisayo, Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya?"

"Yebo, siyakukhumbula lokho."

107 "Futhi Wenyukela lapho kulomuzi, iSikhari, futhi ngenkathi Ekwenza, Wasithuma emzini ukuyothenga umphako, futhi niyazi ukuthi basiphatha kanjani emzini. Futhi lapho sibuya phezulu lapho Ayekhona, samangala, iNkosi yethu yayibungazwa owesifazane onegama elibi."

108 Manje, ngalezozinsuku babebaphawula ngomaka, wawungabakhomba, namuhla abanjalo. Kodwa babengasho ukuthi babenegama elibi, ngendlela ayenza ngayo.

109 "Futhi samangala, niyazi, bazalwane, ukuthi iNkosi yethu yayingabanjwa inomuntu onjalo, umuntu

onegama elibi njengalona wesifazane wayenjalo. Ngani, wayengelutho ngaphandle kwe . . . ojwayelekile nje, owesifazane wasemgwaqeni. Futhi nansi iNkosi yethu yayikhona, phandle lapho qobo lwaYo eduze kwalomthombo, ibungaza lona wesifazane. Ngakho sonke samangala.”

Futhi bonke bathi, “Kunjalo. Kunjalo.”

110 Ngakho ba . . . Wathi, “Sazulazula ngemuva kwezihlahla ukuze sithole ukuthi Wayekhuluma ngani, futhi saMuzwa lapho Ethi, ‘Sifazane, Ngiphuzise.’

111 “Futhi sacabanga, ‘Manje, ingabe lokho akumangalisi, ukuthi iNkosi yethu ingacela usizo lwesifebe na?’” Lokho kukhombisa Lokho Ayeyikho kimi, WayenguNkulunkulu. Impela. Ucela noma ubani, wonke ofayo, akunandaba ukuthi ukusiphi isimo, “noma ubani othandayo.” “‘Akumangalisi yini,’ sacabanga, ‘ukuthi iNkosi yethu ibingacela lona wesifazane onegama elibi ukuba aMenzele umusa na?’ Futhi samangala.

“Futhi sathola ukuthi masinyane waYiphendula, futhi wathi, ‘Mnumzane, akusilo isiko, Wena ungumJuda, ucela mina o—owesifazane waseSamariya.’”

Futhi uMarku waqala ukusho okuthile, u-Andreya wathi, “Thulani nje umzuzu.” Ngakho khona-ke wathi, “Lalelani,” wathi, “niyakhumbula Akusho na?

112 “Wathi, ‘Ukube bewazi ukuthi ubukhuluma noBani, ubuyocela Mina ngikuphuzise. Futhi beNgizokunika amanzi ungezi ukuzokha lapha.’ Futhi bayiqhuba ingxoxo isikhashana ngenkolo yabo.

113 “Kwase kuthi-ke, ngokokuqala ngqa, sacabanga ukuthi iNkosi yethu ibanjwe ogibeni, ngokuba iNkosi yethu yathi kowesifazane, ‘Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.’

“Futhi ngokushesha, waphenduka futhi waYibuka ebusweni futhi wathi, ‘Anginandoda.’

114 “Niyakhumbula ukuthi izinhliziyo zethu zacishe zasehlulekisa kanjani na? Sasicabanga, ‘Manje, manje, kukhona okuyiphutha. Lapha iNkosi yethu ithi kulowo wesifazane, ‘Hamba, ulande indoda yakho.’ Futhi sasisibonile isibonakaliso sikaMesiya phezu kwaKhe, nakho konke, futhi sasazi ukuthi WayenguMesiya, futhi lapha . . . sibona imisebenzi yaKhe, futhi sazi ukuthi WayeyilowoMprofethi uNkulunkulu athi Uyomvusa. Sasazi ukuthi Wayenguye, kodwa nokho nangu owesifazane ephika ukuthi Wayekhuluma iqiniso.” Njengoba nje uSara aphika phambi kweNgelosi, “Angikaze ngikusho.” Kodwa niyabona ukuthi iNgelosi yathini.

Ngakho bama lapho isikhashana nje, wayesethi, “‘Anginandoda.’

“Futhi khona-ke iNkosi yethu yambuka ngqo ebusweni futhi yathi, ‘Ukhulume iqiniso.’

115 "Manje, asikwazanga ukukuqonda lokho, kungani kwabanjalo, lapha umzuzu owodwa Uthi, 'Unendoda,' futhi waphika ukuthi wayenendoda, futhi khona-ke Uyaphenduka, futhi wathi, 'Ukhulume iqiniso.'

116 "Khona-ke niyakhumbula ukuthi sonke sakhungatheka kanjani na? Wayese-ke Ethi kuye, 'Ukhulume iqiniso, ngoba ubunamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Ngakho ukhulume iqiniso.'

117 "Sasethuke kanjani sonke, sibuka ukuthi owesifazane uzothini. Siyazi ngenkathi Ekwenza lokhu, abaFarisi, ibandla, abangakholwayo, bathi, 'Lo muntu ungumbhuli, uBelzabule, udeveli.' Kodwa lona wesifazane omncane esimweni sakhe, waphenduka, futhi waMbuka ebusweni, futhi wathi, 'Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Siyazi lapho uMesiya efika, Uyositshela lezizinto, kodwa Wena Ungubani na?'

118 "Futhi Wathi, 'NginguYe okhuluma nawe.' Futhi kulokho wagijima wangena emzini futhi uqala ukutshela amadoda omuzi ukuthi 'Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?'"

119 Manje, lokho bekungadlula ngqo ngaphezu kongakholwayo. Babengeke bakwazi, babemiselwe ngaphambili ukungalikholwa iZwi. Niyakukholwa lokho na? UJuda washo ukuthi, "Amadoda asendulo, emiselwe ngaphambili kulokhu kulahlwa," ukuba avuke ngosuku lokugcina ukungakholwa iZwi likaNkulunkulu. Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? Impela, bamiselwa ngaphambili nguNkulunkulu ukuba babe ngabangakholwayo. Isimo esidabukisayo kanje pho! Abangakholwayo, abakwazi ukuzibamba, kungengaphezulu njengoba u-Esawu kwakungamsiza ukuba ngu-Esawu, noma uFaro enguFaro. Isimo esidabukisayo kanje pho! Futhi uma uyikholwa, kulobubusuku, eZwini likaNkulunkulu, abusiswe kanjani amehlo enu ukuba aphile kulolusuku, ukubona inkazimulo kaNkulunkulu, ukuthi kwabelwa kanjani ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele emhlabeni wonke, uma *ningahlangene nebandla* ndawonye, nihlanganiswe izivumokholo namahlelo, ukuthi angeke ngisho ulalele iZwi likaNkulunkulu.

120 Isimo esibi kanje ukuba kuso, ufile kabili, usishulwe ngezimpande, lingekho ithemba lokuthi uyoke usindiswe. Yilokho umBhalo okushoyo, bafe kakhulu ngangokuthi abaqondi lutho ngaphandle kwezivumokholo zabo.

121 Qaphelani, lowo wesifazane, wayengafile, wakubamba ngokushesha. WayeyiNzalo emiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade. Futhi kwathi nje lokho kungabaneka phezu kwakhe, ngokushesha wakubamba. Wayazi, wathi, "Mnumzane,

siyazi lapho uMesiya efika, Uyositshela lezizinto. Ungubani Wena na?"

Futhi Wathi, "NginguYe."

122 Futhi wakukholwa, wayesehamba futhi watshela amadoda emzini, futhi ayaphuma futhi aMmemela ngaphakathi. Akaphindanga wakwenza, kodwa iBhayibheli lathi bakholwa nguJesu ngenxa yobufakazi bowesifazane.

123 Manje, lowo ngumBhalo omningi njengoba ngazi ukuthi ubekwa kanjani. Ukhona lapha phambi kwami futhi niwufunde ngokufanayo, uJohane oNgcwele, isahluko se 4 yilapho okuthola khona.

124 Khona-ke, kufanele ukuthi kwakunguMathewu, wathi, "Ake ngifakaze. Niyakhumbula ngalolosuku sasehla singena eJeriko, futhi sasehla lapho ukuvakashela abanye abangane na? Futhi niyamkhumbula umngane wethu ezansi lapho, uRebeka na? Futhi unjalo. . . kwaba u—umkaZakewu. Futhi wayesitshele ukuthi umyeni wakhe wayengusomabhizinisi, nokuthi kanjani ukuthi wayene. . . wayengumngabazi, ngoba wayeyilungu lesinagoge, nesinagoge lathi noma ubani okholwa ukuthi loMuntu ungumprofethi wayexoshwa ebandleni. Futhi wayengowayo yonke imiphakathi yo—yosuku, futhi ngakho bona. . . wayazi ukuthi uma eke wakuvuma, wayezokhishelwa ngaphandle.

125 "Kodwa uRebeka, umkakhe, umfundi weNkosi yethu, wayeyikholwa, futhi wayevame ukumtshela ngaso sonke isikhathi, 'UZakewu, leNdoda, ngokomBhalo. . .'

126 "'O, awunalungelo lokuhumusha umBhalo, uRabi nguye oWushoyo.'" Kodwa uRabi wayenephutha. "'URabi nguyena okufanele asitshele.'"

Qaphela, "Kodwa uRebeka wathi, 'Ngama, futhi ngaMbona esebenza, futhi ngiyazi ukuthi UyilowoMesiya. Ungumprofethi.'

127 "Ngakho ukusa Ayezovela ngabo, uRebeka kufanele ukuthi wayekhulekele umyeni wakhe ubusuku bonke. Wayefuna ukuthi asindiswe." Yileyo ndlela. Ufanele ukhulekele abantu. Umkhuleko ushintsha izinto.

128 "Ngakho kufanele ukuthi wakhuleka ubusuku bonke. Kwathi sekusemini, uZakewu omdadlana wavuka futhi wagqoka izingubo zakhe ezinhle kunazo zonke ayenazo, niyazi, wayesephuma, wavele watshela uRebeka ukuthi wayezoyoshaywa umoya. Kodwa ngalobobusuku mhlawumbe iNkosi yayikade isebenzana naye, ngokwemicabango kaRebeka kanye nomkhuleko."

129 Manje, uma ufuna uNkulunkulu asindise umyeni wakho noma umkakho, qhubeka nje ubakhulekele, qhubeka nje ukhuleka. Yilokho kuphela okumele ukwenze, qhubeka nje ukhuleka futhi ukholwa. Uma kukhona noma iyiphi inhlansi

yokuPhila lapho noma kanjani, uNkulunkulu uzobeka into ethize ngapheseya kwendlela abazoKubona ngayo. Khona-ke uma beLenqaba, khona-ke lokho kukubo.

130 Kodwa qaphelani, "Khona-ke, ngalokho kusa, wakhuleka kanzima ukuthi kukhona okwenzekayo okwakuzomenelisa uZakewu ukuthi Lona kwakuyilowo mProfethi ababemfuna." AmaJuda ahlala ekholwa ngabaprofethi bawo, futhi uMesiya wayezoba umprofethi, ngoba uNkulunkulu wayebatshele ukuthi bangakholwa lutho ngaphandle komprofethi. Ngakho-ke Wayefanele abe ngumProfethi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

131 "Ngakho khona-ke, ngalokho kusa uZakewu waphuma, futhi ngiyabona uRebeka wavele wahlekela nje ngaphakathi wayesethi, 'Akadunyiswe uNkulunkulu, wehlela lapho impela njengoba ngilele lapha kulombhede.'

132 "UZakewu wahamba, wehlela lapho. Futhi ufika esangweni elingaphambili lapho azi khona ukuthi uJesu waseNazaretha wayeza, kodwa babebaningi kakhulu lapho wayengakwazi ngisho ukusondela kuYe. Khona-ke wayemncane ngomzimba. Ngakho wakhuphuka ngoMgwaqo uNkazimulo waya kuMgwaqana uHaleluya." Ngokuvamile yilapho Anqamula khona. "Futhi wagibela esihlahleni somthombe futhi wahlala phansi." Ufuna ukuthola uJesu, uzoMthola kuMgwaqo uNkazimulo noma uMgwaqana uHaleluya, noma into ethize efana nalokho. "Ngakho wayazi ukuthi Wayezonqamula lapho, ngakho wakhwela futhi wahlala phansi kulesisihlahla.

133 "Wathi, 'NgizoMbuka, futhi lapho Ejika ekhoneni, ngizodlulisa umbono wami ngaYe. Angikholwa ukuthi Uyinoma yimuphi umprofethi, angikukholwa. Futhi ngakho, ngizovele ngikhuphukele kulesisihlahla, futhi ngizothola owami uqobo umcabango ngaYe lapho Edlula.'" Khumbulani, wayengakaze aMbone. "Ngakho wacabanga, 'Uyazi uk'thini? Angase angibone lapha phezulu.'

134 "Ngakho sengiyambona nje uZakewu omdala phezulu lapho, edonsa onke amagatsha namaqabunga ngakuye ukuze afihlwe kahle, akekho ozombona. Futhi emva kwesikhashana, kwakhuphuka umsindo emgwaqeni." Kuyamangaza, nomaphi lapho uJesu ekhona ngokuvamile kuba nomsindo omkhulu. "Futhi nakhu kufika omkhulu umsindo unyuka emgwaqeni, wathi, 'Awu, kufanele ukuthi Uyasondela.'

135 "Futhi waqaphela, oza ngasekhoneni, umfo omkhulukazi, onempandla, wathi, 'Ngiyaxolisa, bakwethu, nifanele nihlehle, iNkosi yethu ikhathele kakhulu. Ibilapha . . .' abanye bedlula.

136 "Manje, yimuphi kubo ongaba nguYe na? Emva kwesikhashana kuqhamuke uMfo omncane obukeka ethobile, wacabanga, 'Futhi Yilokho abakubiza ngomprofethi na? Yilokho abakubiza ngokuthi uMesiya na? Ngani, Akasuye umprofethi,

Mbukeni, Akabukeki ngisho njengaye, Akagqoki ngisho njengaye.'

137 "Kodwa Wahamba ngokuthula, Waze wangena ngaphansi kwesihlahla ngqo, futhi Wama, futhi Wabuka phezulu, Wathi, 'Zakewu, yehla; Ngiya nawe ekhaya namuhla."

138 "Niyakhumbula ukuthi uZakewu wathini ngenkathi ejoyina iFull Gospel Business Men, ezansi lapho, emva kokuba esesindisiwe na? Wathi wasuswa ezinyaweni zakhe ngenkathi, akusikho ukuthi Wazi ukuthi wayephezulu lapho, kodwa wazi ukuthi wayengubani, futhi wathi, 'Zakewu, yehla kulowo muthi; Ngiya nawe ekhaya.'

"UZakewu wawa phansi, futhi wathi, 'Nkosi, uma kukhona okubi engikwenzile, ngizimisele ukukulungisa.'

139 Sibadinga kanjani oZakewu abaningi namuhla! Lapho bengabona izibonakaliso, noBukhona bakhe impela uNkulunkulu othenjisiwe eBhayibhelini, futhi asukume asuke kuso, isimo esidabukisa kanje pho lesisizwe esikuso. Isimo sokwahlulela esivuthiwe kanje pho!

140 Futhi izikhathi eziningi wena uthi, "Akumele ngikulalele lokho." Hamba ulalele umuntu othize ozokumbambatha emhlane, futhi akuyeke uhlale esonweni, bese-ke udibana nakho ngaleya eNkantolo yokwaHlulelwa futhi ubone ukuthi kuzokwenzekani. Nina, balekelani ulaka oluzayo. Phendukani, noma nibhubhe.

141 UNkulunkulu, lapho Enza izinto njengoba Enza namuhla, akukho ndawo emBhalweni lapho Ake athumela khona okunjalo kwaze kwalandelwa ukwaHlulelwa. Kunjalo impela. Futhi ukwaHlulelwa kuzogadla, ngokuqinisekile njengoba ngimi lapha emsamo njengenceku kaKristu. Impela. Uyakukhumbula lokho.

142 Umhlangano wobufakazi onjena pho! O, he. Futhi khona-ke wathi, "Niyakhumbula ngenkathi siphuma emzini futhi na?" Kusho uJohane. "Ngenkathi siphuma emzini, kwakukhona endala, indoda eyimpumputhe ihlezi phandle lapho, ebizwa ngoBartimewu. Futhi yayihlezi edwaleni, futhi sasicishe sibe ngamayadi ayikhulu ukusuka kuyo, futhi ngaphandle komuzi kwafika ukubhonga okukhulu. Niyakhumbula ukuthi uBartimewu wafakaza kanjani kithi futhi wasitshela ukuthi kwenzeka kanjani na?

143 "Wayehlezi lapho efundisisa mayelana, 'O, ukube ngangiphile osukwini lapho abaprofethi abakhulu babehamba behla ngalomgwaqo, ngenkathi u-Eliya no-Elisha, begaxene, behla ngalomgwaqo, beya eJordani ukuze badonsele emuva amanzi ukuze bawelele ngaphesheya! Ukuba ngangiphile ngalolosuku, ngangiyogijima ngiphumele phezu kwalezizimbokojwana, futhi ngiwe phansi phambi kwabo, futhi

ngithi, "O, mprofethi omkhulu kaNkulunkulu, ngikhulekele ukuba ngemukele ukubona kwami."

144 "'Kodwa maye, bangiyisa esinagogeni, ngabuza umpristi ngakho, wathi, "Manje, awume kancane, Bartimewu, ungendala, indoda eyimpumputhe, akukho lutho olungakusiza. Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Vele ube ngowebandla, futhi uyoba kahle ngelinye ilanga, laphp usuya eZulwini."

"'Kodwa uyazi, bengihlala ngicabanga enhliziyweni yami,' washo, 'ukuthi uma wake waba khona uNkulunkulu, Ufanele abe nguNkulunkulu namanje.'"

145 O, mfowethu, siwadinga kanjani amanye amadoda anjengalawo! Futhi ngokuvamile kungenkathi ucabanga ngezinto ezinjengalezo, lapho Avela khona. Hlolani imiBhalo, kulapho abantu becabanga futhi bekholwa. Ngenkathi unomqondo wakho wokuhlala ekhaya ekuyeni emhlanganweni womkhuleko ngoLwesithathu ebusuku ukuze ubuke u *We Love Sucy*, noma ezinye zalezo ezinophukuphuku, izinto zethelevishini abanazo, futhi beshalazela isonto, uzokwenza kanjani noma yini ngezinga labantu abanjalo na?

146 Niyazi, izinyoni zakha isidleke sazo entwasahlobo yonyaka, kodwa uma leyonyoni yeduna ingazange ibe naleyonyoni yensikazi, lawomaqanda ngeke achanyuselwe. Ingawafukamela, futhi ithembeke kakhulu, futhi ihlale lapho ize ihlupheke kangangokuthi ayikwazi ukundiza isuke esidlekeni, kodwa uma leyonyoni yensikazi ingazange ibe kanye nenyoni yeduna, umata, lawomaqanda angeke achanyuselwe, ayobolela esidlekeni ngqo.

147 Futhi lokho kubi njengoba kunjalo namuhla. Sithathe abantu ngokuvuma izono, nencwadi, nokunye nokunye, sabangenisa ebandleni, ongazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lazi ngobusuku baseGibhithe. Futhi yini esinayo na? Isidleke esikhulu esigcwele amaqanda abolile, amadoda nabesifazane abangazi lutho ngoNkulunkulu kunanoma yini enye. Sekuyisikhathi sokuhlanzisisa isidleke, futhi siqale epulpiti siye kumlindi mnyango, futhi senze labobantu baxhumane noNkulunkulu, owaziyo ukuthi amandla kaNkulunkulu ayini, ozelwe ngokusha ngoMoya oNgcwele. Kulungile!

148 Angeke wenze abadikoni ngabo, futhi bona beganwe kane noma kahlanu, nazo zonke izinhlobo zezinto ezinjalo, ngoba yithikithi lokudla. Kuyihlazo. Lezozinto ziza ngqo phakathi kwabantu bethu bePentecostal, nasebuthakathakeni bomlayezo ukuvumela abantu *bakhazimule* esonweni, futhi baqhubeke, futhi khona-ke besalokhu bezibiza ngabangcwele. Sidinga imvuselelo eshukumisayo.

149 Esikhathini esingeside esidlule ekhuluma nomkhulu, noma, ukumuzwa ekhuluma, njalo, umvangeli omkhulu, uBilly Graham, ngenkathi eseLouisville, eKentucky. Wabahhala

labobashumayeli, ngangihlezi lapho. UDkt. Moridekayi Hamm, lowo owamholela kuKristu, ungumngane wami omuhle, usanda kwedlulela enkazimulweni eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nento ubudala, embalwa imo-. . . cishe unyaka nengxenye odlule, noMfowethu Hamm wayehlezi lapho eduze kwami.

150 Futhi uBilly wasukuma lapho, wayesethi, "Nina sigejane sabashumayeli abavilaphayo," wathi, "Ngiza edolobheni futhi ngihlale lapho amaviki ayisithupha, futhi lapho ngenza ngizoba nabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu." Uyazi, bakubiza ngokuthi, ngikholwa ukuthi yilokho abakubiza ngokuthi, "Izinqumo." Izinqumo zilungile, izinqumo zingukuvuma izono, amatshe. Kodwa kusizani ukuba namatshe uma ungenaye owakha ngamatshe ukuba awasike abe yizimo zamadodana namadodakazi kaNkulunkulu na?

151 Zisiza ngani izinqumo eziyisigidi, lapho besaqhubeka be*khazimula* esonweni, futhi beziphatha njengakho konke, futhi bengalokothi babe—ngalokothi babenoshintsho lwenhliziyo na? Basabhema, bayapilomba, bayaphuza, babhema isinemfu, babukele ithelevishini, bahlale ekhaya bangayi esontweni, futhi bafake igama labo encwadini, futhi bazibize ngamaKristu na? Amadoda, evumela omkawo phandle egcekeni begqoke izinto ezindadlana.

152 Lapha, ngoluny'usuku, ngibone ukubukeka okwesabekayo engake ngakubona, Ngangisezansi eClifton's Cafeteria, futhi ngangilinde uMfowethu Arganbright ukuba enyuke. Futhi lapha ngi. . . kufika owesifazane. A—a—angikaze ngibone into enjengakho empilweni yami. Ngi. . . Wayenokuhlaza satshani phakathi *lapha*, nokubomvu, nayo yonke imibala eyahlukene. Kungenzeka ukuthi wayengowesifazane obukeka kahle, kodwa indlela. . . Wayenokunye kwalokho kugundwa kwezinwele okuyinkimbinkimbi, njengenenekazi lokuqala, niyazi, nawo wonke lowombhedo. Futhi lapho wayemi lapho.

153 Futhi ngi—ngiyisithunywa senkolo, ngibone isifo sokusha isikhumba, ngibone uchoko, angikaze ngiyibone into enjalo empilweni yami. Futhi ngangiya ngale kuye ukumcela ukuthi ngingamkhulekela yini, ngimtshele ukuthi ngangiyisithunywa senkolo, futhi ngi—ngi—ngiyamzwela. Futhi ngangifuna ukukhulekela owesifazane. Ngacabanga yena. . . a—angikaze ngilubone uchoko kumuntu kanjena: isidalwa esingumuntu onamehlo aluhlaza satshani, aluhlaza okwesibhakabhaka, nazo zonke izinhlobo zombhedo, enokuzipenda okwenele ezindebeni zakhe ukupenda inqolobane ngakho na?

154 Sifazane, kwakukhona owesifazane oyedwa kuphela eBhayibhelini owake wapenda ubuso bakhe, futhi lowo kwakunguJezebeli, uNkulunkulu wamphakela izinja. Ngakhoke uma ubona owesifazane efake lokho, ungathi, "Sawubona,

Nkosazana Nyama-yenja?" Yilokho kanye uNkulunkulu ambiza ngakho; Wamphakela izinja. Kunjalo impela.

155 Esikudingayo namuhla ukuhlanzwa kwendlu kwenzelwe uMbuso kaNkulunkulu. Kulungile. Yebo. Futhi ngangizohamba ngiye ngale futhi ngikhulekele leyontombazane bandla. Ukuba yayigeziwe, futhi iyeke izinwele zayo zikhule zehle, yayiyoba ngowesifazane osemusha obukeka emuhle. Ngase ngiqala ukuya ngale, ngiyikhulekela, futhi nakhu kufika amanye amabili, Ngathi, "Kungcono ngithule, a—angazi. Kukhona okwenzekile selokhu ngiphumele lapha."

Futhi manje-ke, ngiyakuqaphela yonke indawo manje. Ini. . . O, he! Ingaqhubeka kanjani lento na? Nkulunkulu benqabele ukwenza lokho. Yebo, mnumzane.

156 Manje, sibuyele esihlokweni sethu. "Ngalokho kusa uZakariya wathi, noma, Impumputhe uBartimewu wathi, 'Ngangihlezi lapho, ngilalele, futhi ngezwa umsindo uphuma emgwaqeni, futhi wonke umuntu wayekhubeka phezu komunye nomunye. Futhi ngamuzwa umpristi owayengitshele ukuthi izinsuku zezimangaliso zase zidlulile.'" Wayeyinhloko yenhlangano ezansi lapho. "Wathi, 'Ngamuzwa esho ngalokho kusa, "Siyehla ukuyomisa lombhedo. Angeke sibe nomhlangano onjalo onjelo ngapha."'" Uyazi, u—udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa hhayi umoya wakhe, uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe kodwa hhayi umoya waKhe futhi. Niyakukhumbula lokho.

157 "Ngakho ngenkathi ephuma lapho, wathi, 'Sehlela ezansi uku. . . Thina. . .' Ngimzwile lowompristi ofanayo ephuma futhi ethi, 'Awusho, wena, ongavusa abafileyo, sinendawo yamathuna yonke egcwele bona phezulu lapha. Khuphuka futhi uvusa oyedwa wethu, sizokukholwa.'"

158 Akahlekisi-muntu. Khumbulani, ngenkathi lawomaRoma enaYe ezinkantolo ngalokho kusa, bamboza ngendwangu ebusweni baKhe, emehlweni aKhe, futhi baMshaya ekhanda ngomhlanga, futhi bathi, "Sitshele ukuthi ubani okushayile, uma ungumprofethi, sizokukholwa." Niyazi ukuthi Wayazi ukuthi ubani owakwenza, kodwa Akahlekisi ngenxa kadeveli, Wenza imisebenzi yaKhe ukubabaza uBaba, Washo.

159 NowaKhe—noMoya waKhe uQobo, namuhla, angikwenzi ukuhlekisa, kuphela Ubabaza uNkulunkulu ukufeza iZwi laKhe.

160 UJesu wathi Wenza lezizinto ukuze kugcwaliseke okwakhulunywa ngabaprofethi. Futhi namhlanje Wenza lezozinto ukugcwalisa Ayethembise ukuthi Uyokwenza. Akadingeki ukuthi akwenze, Angakuvumela ukuthi ungene ngaphandle kwakho, kodwa Wethembisa ukukwenza, futhi yilokho Akwenzayo.

161 "Kodwa uBartimewu oyiMpumputhe," uJohane waqhubeka nobufakazi bakhe, "UBartimewu oyiMpumputhe, wathi, 'Uyazi, bengingazi, angikaze ngizwe ngaYe. Into yokuqala niyazi, abantu babediyazela, futhi ngashaywa ngawiswa phansi nakho konke. Futhi ngathi, 'Umayelana nani wonke umsindo na? Owani wonke lomsindo na? A—angiqondi nje. Owani wonke lomsindo na?'

"Futhi ekugcineni, owesifazane omuhle wathi, 'Mfo omdala, kwenzenjani na?'

"Wathi, 'Nenekazi, Ubani . . . Umayelana nani wonke lomsindo na? Ngiyimpumputhe, angikwazi ukubona.'

"'O, awukaze uzwe ngomprofethi waseGalile na?'

"'Qhabo, mem, angikaze,' washo.

"'Awu, uJesu waseNazaretha. U—uyazi . . . UngumJuda na?'

"'Yebo.'

162 "'Awu, uyazi iBhayibheli lethu liyasitshela, imiBhalo yethu egoqwayo, ukuthi iNkosi uNkulunkulu wethu izovusa umprofethi onjengoMose. Futhi Uzokwenza njengoba kwenza uMose.'

"'Yebo, ngiyakwazi lokho; Kuzoba iNdodana kaDavide.'

163 "'O, kunjalo impela,' kusho omncane . . . 'Ngingumfundi walomuntu.'" Niyazi, bonke abafundi bakaKristu bahlale befuna ukuhawukela labo abayizimpumputhe nalabo abasweleyo. Umhlangano ungeza komakhelwane, bazohamba bayolanda wonke umuntu ogulayo abangakwazi, ukubangenisa. Niyabo? Bazokwenza yonke in- . . . Sonke isoni abangasithola, bayohlala befuna ukubonisa umusa.

"Futhi lelinenekazi elincane lathi, 'Ngani, Uyilowomprofethi waseGalile. Uyadlula, futhi . . . '

"'Usho ukuthi UnguMesiya na?'

"'Impela, UnguMesiya.'

"Khona-ke wathi, 'Uphi na?'

"'Uthi akabe isikwele . . . '" Manje, yilapho abakukhomba khona, lapho Ayekhona, cishe ibanga lendlu yasedolobheni ezansi nomgwaqo.

"'Awu, Yena . . . ' UBartimewu oyimpumputhe wathi, 'Uyazi, ngivele . . . Ngi . . . Usengidlulile.'

164 "Amakhulu amaningi kakhulu eMlandela, futhi omunye eMjikijela ngezithelo ezivuthwe ngokweqile, ethi, 'Hheyi, wena mprofethi waseGalile, uma ungumprofethi, yenza *lokhu*.' 'Hheyi, sinomuntu ogulayo ezansi lapha, ake sikubone umphulukisa.' Abanye besho into eyodwa, nabanye bempongoloza, 'Bayethe Nkosi yamaJuda,' nomunye ethi, 'Udumo kuNkulunkulu omkhulu waseZulwini, Ovuse iNdodana

kaDavide phakathi kwethu.' Futhi zonke. . . Abanye wayecula, 'Hosana' kuMprofethi, eNkosini, abanye babehlekisa ngaYe."

165 Kungaleyondlela-ke. Kuhlale kuyisixuku esixubile, abakholwayo, abazenzisi, nabangakholwayo njalo bebuthene ndawonye. Nabo la bekhona, ngisho lapho amadodana kaNkulunkulu ekhuphuka phambi kukaNkulunkulu, eNcwadini kaJobe wathi, uSathane wayehlezi phakathi kwabo, kunjalo impela, ngenkathi amadodana kaNkulunkulu ebonakala eBukhoneni bukaNkulunkulu. Impela. Bahlala bekhona lapho. Manje, futhi nampa babelapho, futhi omunye esho enye into, futhi enye.

166 "Futhi uBartimewu oyiMpumputhe wathi, 'Ngiyakhumbula ukuthi umBhalo washo ukuthi iNdodana kaDavide, ukuthi uMose washo ukuthi loMesiya, lomProfethi wayezovuswa, wayeyoba ngumprofethi. Futhi uma Eyoba ngumprofethi, Uzoqonda. O Jehova, ngihawukele, ngihawukele. Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.'

167 "Futhi ukukholwa kwakhe kwathinta uJesu." Haleluya! Ukukholwa kwakhe! Wayengeke amuzwe ngaphezu kwaso sonke lesosixuku esasiqhubeka, abanye bamsunduzela phansi, bethi, "Hlala uthule," nokunye nokunye. Kodwa ukukholwa kwakhe kwaYithinta. NeBhayibheli lathi uJesu wama wathula. Ngifuna ukushumayela ngalokho ngesinye isikhathi, *Futhi UJesu Wama Wathula*.

168 "Yebo, uJesu wama wathula. Kwakuyini na? Ukukholwa kwe—kwesinxibi esimpofu esiyimpumputhe kwaMmisa, futhi wambuza ukuthi wayefunani. Futhi wathi kuYe, 'Ukuba ngibone.'

169 "Wathi, 'Ukukholwa kwakho,'" njengoba Enza kowesifazane owathinta ingubo yaKhe, "'Ukukholwa kwakho kukusindisile. Yemukela ukubona kwakho, ngoba ukukholwa kwakho kukusindisile.' Waphenduka, waqala wehla ngomgwaqo.

170 "UBartimewu oyimpumputhe wema lapho, 'Ungitshele ukuthi ngizokwemukela ukubona kwami. Ngilapha.' Into yokuqala, ubone into ethize ihamba phambi kwezandla zakhe, lapho, wayekwazi ukubona izandla zakhe. Lapha wehla ngomgwaqo, edumisa uNkulunkulu. Niyakukhumbula lokho, bazalwane na?"

171 O, umhlangano wobufakazi wawuqala ukungena emizweni kahle. O, yonke into yayi. . . Futhi niyazi, udeveli kwenzeka ukuba abuke phansi ngaphesheya kwegquma futhi wabathola bengenaye uJesu, babehambe ngaphandle kwaKhe. Kungaleyonkathi lapho udeveli aba nethuba lakhe, wathi, "Manje, nginethuba lami lokubacwilisa, ngoba bahambile ngaphandle kweNkosi yabo."

172 Manje, ake ngisho lokhu ngothando, ngenhlonipho, nangobuzalwane: Awucabangi ukuthi lokho kuthi akube

njalo namuhla na? Ngicabanga ukuthi kuyinto efanayo, ukuthi ngesikhathi salemvuselelo, amabandla asebe ngacebile ngokunyanyisayo. AmaPentecostal awasekho emgwaqeni eshaya isigujana itamborini. Awanaso isibindi sokuma phandle lapho futhi abe nomhlangano wasemgwaqweni neze, akuvamile ukuba uwabone. Kunjalo.

173 Esikhundleni sokuba babenomshumayeli kaNkulunkulu omdala osindisiwe, banohlobo oluthile lomfundi iyisihlakani ovela esikoleni seBhayibheli esithize, ezama ukuzifanisa nezwe. Akazange, lapho u-Israyeli befuna ukulahla iNkosi yabo, noma, balahle iNkosi yabo, uNkulunkulu . . . ? Futhi lapho umprofethi ekhuphuka phambi kwabo, uSamuweli, wathi, "Awukwenzi . . . " Babefuna ukufana nezwe lonke.

174 Futhi uSamuweli wathi, "UNkulunkulu uyiNkosi yenu. UNkulunkulu ungithumile ukuba ngibe umprofethi wenu. Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okufezekayo na? Sengake ngacela kini okokuphila kwenu na? Sengake ngayithatha imali yenu na?"

"Qhabo."

"Sengake nganitshela noma yini, ISHO KANJE INKOSI, ngaphandle kokufezekayo na?"

"Qhabo, Samuweli, yonke into oyishilo iyenzeka ncamashi nje. Sikholwa ukuthi ungumprofethi kaNkulunkulu."

"Awu, khona-ke qhelani enkosini yenu."

Kodwa bathi, "Kodwa—kodwa sifuna ukuziphatha njengabakwaJones." Niyabo, babefuna ukuziphatha njengabo bonke abanye.

175 Futhi bazalwane, ngazo zonke izinhlonipho zokwesaba uNkulunkulu ezinhlanganweni zethu, leyo yinto efanayo amabandla ethu ayenzayo. Bazama ukuziphatha njengabobonke abanye, njengeMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian neLuthela, elisezingeni, elinesitashi, eligqoke kahle, ibandla elikhulu kunawo wonke edolobheni, izinhlelo ezinkulu zokwakha. Ihlazo elinje pho, lapho izigidi zezithunywa zenkolo beziyobe zisensimini namuhla, futhi abaningi babo, abasekelwa, bengenazicathulo ezinyaweni zabo, bezama ukushumayela iVangeli. Futhi sakha amabhilidi ezigidi zamadola, izitolo ezinkulukazi, nezikole, nokushumayela, "Isikhathi sesiseduze, ukuFika kweNkosi." Kukhona okungalungile ndawo ndawo. Kungcono ngi . . . Ngizoma nomlayezo olula. Kulungile.

176 Qaphelani, kukhona okwakungalungile. Futhi babelapho-ke. Isikhathi esinje pho sokungena kukaSathane!

177 Sihambe ngohlelo olukhulu. Umhlangano waqala, imali yangena yageleza, yonke into, "Sifanele sikhulise amaqembu ethu." Ngamunye, "Woza ngapha ku*leli*," ukusuka kwenye inkolo uye kwenye, konke okunye, ukwenza inhlangano enkundlwana,

ukwakha izikole ezinkudlwana, ukufunda isayense yezenkolo, okunye nokunye. Umusa omuhle.

178 Ufanele uhambe iminyaka eyishumi esikoleni ngaphambi kokuba ugcotshwe njengomfundisi cishe impela. Bese kuthike, benzani ngawe lapho na? Ukufaka kuwe loloketshezi lokugqumisa, ukhiphe konke kuwe uNkulunkulu ake wakufaka kuwe. Kunjalo. Yiqiniso. UNkulunkulu wabanabo nje izinsuku eziyishumi, futhi wenza okuningi ngabo kunalokho izikole ezingakwenza eminyakeni eyishumi. Ufaka okuthize kubo, nesikole sikhipha lokho uNkulunkulu akufakile, izikhathi eziningi. Bafunde lokho kusebenza kwengqondo, nalolonke lolohlobo lwezinto.

179 Futhi ezinye zezinhlangano zethu ezinkulu, ePentekoste ngiyatshelwa, ukuthi ifanele ime lapho, futhi ngaphambi kokuba isithunywa senkolo siye ensimini, sithathe ukuhlolwa ngusiyazi wezifo zengqondo. Umusa, bakithi. Ubungayibona into enjalo na? UNkulunkulu ungukuvivinywa kwethu; umBhalo ungukuvivinywa kwethu, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

180 Uma ungenayo i-Ph. D., LL. D., ngeke ngisho bakuvumele ungene epulpiti. Kunjalo. Futhi uPetru wayengenalwazi kakhulu wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo, futhi uNkulunkulu wamenza inhloko yebandla. Impela. Umehluko onje pho!

181 Ngihlezi eJamaica, emavikini ambalwa edlule, noma, ezinyangeni ezedlule, ngangihlezi lapho neChristian Business Men. Saba nomhlangano, futhi konke abakwenzile ngalobobusuku kwakungukufakaza, ngenkathi babenosaziwayo baseziqhingini, ngisho nabanye abantu bakaCastro enhla lapho, nayo yonke into, amadoda amakhulu. Abazalwane bethu beFull Gospel, ngiyabakhulumela, Ngiyabathanda, ngiyabathanda, bangabafowethu, angimelene ngalutho nabo.

Ngangimi lapho, ngathi, “Nina madoda ningenze ngaba namahloni ngoMlayezo ebengiwushumayela.”

Futhi bathi, “Kungani bekuyilokho na?”

182 Ngathi, “Okuwukuphela kwento owafakaza ngayo ukuthi ubunebhizinisi elincane, ezansi ekhoneni, wenza ikhulu lamadola ngenyanga, futhi ‘Udumo kuNkulunkulu, khona manjalo,’ manje usunoxhaxha loCadillac.” Ngathi, “Awusoze waqhathaniswa nalawo madoda. Awukwazi ukungenisa izwe, noma, awusoze waqhathanisa nezwe, okuwukuphela kwento okufanele uyenze ukuthi, ungaqhathanisi nezwe, njengamabandla nayo yonke into ezama ukuyenza, ngobukhazikhazi bawo nezinto phandle lapho, ufanele ubameme ezinkundleni zakho, ungaziphathisi okwabo. Mabeze baziphathise okwakho.” O, Nkulunkulu, yiba nomusa. Whewu! Kunjalo.

183 Nakhu lapho sikhona kulolohlobo lwesiphithiphithi namuhla, sihlezi, ukuFika kweNkosi kuyasondela, wonke umuntu elele, njengoba nje iBhayibheli lathi kwakunjalo. Nakhu sikulesosimo, uNyaka weBandla laseLawodikeya, okuwukuphela konyaka webandla wayo yonke iminyaka uKristu abekwa ngaphandle kwesakhiwo saKhe uQobo, engqongqoza, ezama ukungena futhi. Kunjalo. UNyaka waseLawodikeya, futhi lowo yilonyaka, okhishwe ngezivumokholo zethu nezimfundisoze, futhi enezela eBhayibhelini, futhi esusa kuLo, futhi nangu Umi ngaphandle ezama ukubuyela phakathi. Futhi ibandla phakathi lapho licabanga ukuthi kukhona abakwenzayo, "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu . . . "

184 IBhayibheli likhuluma ngonyaka wobuhlakani. Lathi bayoba ne for-. . . "Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunoNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebi, abangazithibi, abazonda abalungileyo; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika; labo-ke wobagwema. Ngokuba yilo loluhlobo oluhola abesifazane abayiziwula kanye nezinkanuko eziyizinhlobonhlobo," zonke izinhlobo zezinto, zilingisa isifebe esithile saseHollywood esikhundleni salokho . . . UKristu uyiSibonelo sethu! IHollywood ayihlangene ngalutho nakho, nezimfashini zezwe nezinto. Sidinga ukuhlanzwa. Buyela kuNkulunkulu.

185 Ngiyazi ukuthi nginibambile, kodwa ngikwenza ngamabomu lokhu. Qaphelani, sizofika ephuzwini, engifuna ukulisho kini.

186 Qaphelani, imimoya iqala ukuvunguza, ulwandle luqala ukudlanga. Bahambile ngaphandle kwaKhe, bahambile nohlelo olukhulu ndawana thize, bahambile bayokwenza *lokhu*, bonke benentshisekelo kakhulu ku*lokhu*, na*lokho*, no*kunye*. Futhi bahamba ngaphandle kwaKhe.

187 Isixuku esixubene senyukela kuMose esabangela inkathazo. Futhi ngicabanga ukuthi kuthi akube yinto efanayo eyenzeke namuhla, okungaPhezu kwemvelo kwenziwe, futhi singenise isixuku esixubile, into efanayo, yilokho okubangela inkathazo.

188 Qaphelani, khona-ke ukubhonga, uSathane uqala ukuphephethela umoya wakhe onobuthi kubo: Whewu! Whewu! "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjenga*lena*. Udinga imfundo yobuhlakani. Angeke sibeke abefundisi bethu epulpiti ngaphandle uma benemfundo enkulu." Ubani owasho kanjalo na? Kwavelaphi lokho eBhayibhelini na?

189 Njengakuleyo Business Men ngalobobusuku, ngathi kubo, ngathi, "Niyoke nizithole kuphi izinto ezinjalo na? AmaPentecostal okuqala aphuma, athengisa lokho ayenakho, ashiya amakhaya awo, futhi abampofu, abacebile bakwenza, ukuze babe nokuPhila okuPhakade. Futhi namuhla, nonke

niyazama futhi nisho ukuthi ninokungakanani, bazama ukubona ukuthi kungakanani ababengakuqeda."

190 Futhi umculi othize omncane waseChicago, lowo... Mfowethu... Ngiyakhohlwa igama lomNtaliyane, umshumayeli omncane. Futhi wathi—wathi, "Kodwa, Mfowethu Branham, ngifuna ukukunakisa okuthize. Lelo kwaba iphutha elikhulu abalenza."

Ngathi, "Utheni na?"

Wathi, "Benza iphutha ngenkathi benza lokho."

Ngathi, "UMoya oNgcwele wenza iphutha, Mfowethu?"

191 Wathi, "Awu, benza iphutha ngokudayisa impahla yabo. Emva kwesikhashana kwaqhamuka isiphithiphithi phakathi kwabo, futhi abantu babengenandawo abangaya kuyo."

192 Ngathi, "Yikhona impela lokho uNkulunkulu ayekufuna, bahamba yonke indawo bememezela iZwi. Ngabe bona...? Ukuba babenekhaya, babeyobuyela emuva futhi bahlale phansi kulo, kodwa uNkulunkulu wasakaza iVangeli ngakho."

193 UNkulunkulu akalenzi iphutha. Angahle emqondweni wobuhlakani, kodwa hhayi endleleni yaKhe uQobo yokucabanga. Impela.

194 Asisuke ekutetemeni kwengane, manje, sithola ukuthi babephumile kokukodwa, bejabule kakhulu ngoba babebone isinkwa senziwe, nezinto ezinjalo. Bacabanga, "O, siyagwedla nje lapha," futhi baqhubeke ngaphandle kwaKhe, "kuzolunga."

195 Futhi into yokuqala uyazi ukuthi ulwandle luqala ukuba lubi luba lubi. USathane wathi, "Manje, ngibatholile. Manje, ngizobasusa bonke, phandle lapha olwandle."

196 Futhi waqala ukujikijela, namaza, nesikebhe esincane sagcwala amanzi. Isigxobo sensika saphuka, izigwedlo zephuka, futhi zazilapho-ke, besivumela ukuthi sizishayele nganoma iyiphi indlela ababengakwazi ngayo. Babememeza ngenxa yokwesaba. Wonke amagagasi... uSathane ehlezi phezu kwawo wonke amagagasi lapho, ecwebezelisa amehlo akhe abenyezelayo, futhi ebonisa amazinyo akhe acijile, futhi ethi, "Ngizobacwilisa kwelilandelayo. Ngizobacwilisa kwelilandelayo."

197 Wonke amathemba ayesephelile. Kodwa niyazi uk'thini? Wayesababhekile. IBhayibheli lathi Wakhwela intaba. Futhi Wayemi phezulu lapho ebabhekile, ebona ukuthi babesenkingeni. Ngijabula kakhulu ukuthi umusa usekhona, ukube ubungekho, ngabe asisekho sonke.

198 Ngenkathi Esishiya, Wakhwela intaba ephakeme kunazo zonke eyayingaba khona, iKalvari. Futhi khona-ke wakhwela waqhubeka wedlula inyanga, izinkanyezi, uJupiter, uVenus, uMilky White Way, wathi ngqu phakathi, Waze waphakama

kakhulu Waze wadingeka ngisho abheke phansi ukuze abone iZulu. Uyakwazi ukubona yonke indawo. "Iso laKhe liphezu komzwilili," ngiyazi Ubhekile kulobubusuku. Amen. Ngiyakukholwa lokho ngenhliziyo yami yonke. Ubhekile namuhla ebusuku.

199 Kwenzekani, lapho kufika ihora lobumnyama, ukuthi baqonda ukuthi babengenaYe? Futhi into yokuqala niyazi, nangu Efika, ehamba eya kubo, olwandle. Yin-. . .? Okuwukuphela kweNto eyayingabasiza. Futhi yini eyay-. . . abayenza na? Bakhala kakhulu. BabeMesaba.

200 Manje, lalelisisani, ngiyavala. Babesaba, besaba yona kanye iNto eyayingabasiza, ngoba Yayibukeka njengesipoki. Bathi, "Ungumoya. Lowo ngumoya uhamba phezu kwamanzi, akukho okungenza lokho ngaphandle komoya." O, babesaba. Futhi amaThemba kuphela ababenawo, babewesaba.

201 Leyo yinto efanayo kulobubusuku. Ithemba lokuFika kweNkosi uJesu, ukubonakala kwaYo phakathi kwabantu, futhi lapho bekubona babefuna ukukubiza ngokufunda ingqondo, bafuna ukukubiza ngokubhula, bafuna ukukubiza ngalo lonke uhlobo lukadeveli olungabizwa, futhi yiyonanto kuphela engakusiza. Yiliphi iPhimbo elaphuma kuYe na? "Ningesabi; yimani isibindi, yiMina." Kwakubonakala kuthusa ekuqaleni, "Kodwa YiMina; ningesabi."

202 Manje, sibe nemihlangano eminingi yobufakazi, futhi siyabona ukuthi kwenzekani eBandleni. Ungesabi, UsenguNkulunkulu. UnguNkulunkulu nje njengoba Wayelokhu enjalo. Uyakukholwa lokho na? Ubufakazi obufanayo aYenabo babo ngalolosuku, singakholwa ukuthi Yena, engubufakazi obufanayo kithi, namuhla. Anikukholwa lokho na?

203 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje. Ngifuna nikhuleke futhi nithi, "Nkulunkulu, ngiyaKufuna, yiba nomusa, mina." Khuleka ngendlela yakho uqobo manje. Nkulunkulu, yiba nomusa, yiba nomusa. Ningaphumi, ngicela ningaphumi. Ake nime umzuzu nje, sizophuma emzuzwini. Hloniphani ngempela.

204 Baba wethu waseZulwini, njengoba sizithulisa manje, emva kokushukumisa, ukunwaya, umhlangano onzima lapho engizame ngakho konke okukimi, Nkosi, ukunikeza ubufakazi ngalokho abantu aba . . . abakubone kuWe ezinsukwini ezedlule, lokho abangakufakaza, futhi bathi bakubonile kwenzeka, futhi ubeqinisekile ukuthi KwakunguWe. Ugcwalise umBhalo.

205 Manje, Wethembisa lokho kubuya futhi, ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela, hlonipha iZwi laKho, Nkosi. Yenza iZwi laKho liphile futhi. Thola inhliziyo ethize phakathi lapha Ongafakazisa ngayo iZwi laKho, Nkosi. Ngihlole, O Nkosi, ngivivinye, ngisize. Yiba nomusa kimi, Nkosi. Yiba nomusa kithi sonke, siyadinga.

206 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi abesilisa nabesifazane, lapha kulobubusuku, abangaKwazi njengoMsindisi wabo, ukuthi—ukuthi bazo—bazothola igumbi enhliziyweni yabo kulobubusuku, bame imizuzu embalwa futhi bathathe uhlu lokuqukethwe, amalungu ebandla angakwenzi... aziyo. Angakwazi—angakwazi ukujaha izimpilo zawo uqobo, kungakhathaleki ukuthi bafakaze kuphi, bayazibuka futhi babone ukuthi kukhona okungalungile, bazihlole ngokumelene neZwi likaNkulunkulu futhi babone ukuthi liphuma kanjani. Sonke asivivinye, manje nje, Nkosi, futhi sithole lapho esidinga khona, bese-ke sibiza umusa kuWe.

207 Sisakhothamise amakhanda ethu, futhi ngamunye wenu ekhuleka. Manje asisoze sakucela ukuba ujoyine ibandla, joyina noma yiliphi ibandla olifunayo. Kodwa sikucela lokhu, nginjalo kulobubusuku, njengenceku kaKristu: Uma ungaMazi njengoMsindisi wakho, futhi ungathanda ukuMazi, futhi... Awusiphakamiseli isandla sakho kimi manje, phakamisa izandla zakho kuYe.

208 Manje, khumbulani, nakhu okwashiwo uJesu, "Ozwa iZwi laMi," Johane 5:24, "Ozwa iZwi laMi," ngikushilo kulobubusuku ngendlela ecacile nelula njengoba ngazi ukukusho, "Ozwa iZwi laMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade."

209 Awukaze ukholwe noma uKwemukele ngaphambilini, kodwa ubungathanda, eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukuphakamisa izandla zakho, futhi uthi, "Manje ngiyaKwemukela, Nkulunkulu, ngikholwa kuJesu Kristu njengoMsindisi wami, futhi ngiyaMamukela manje njengoMsindisi oqondene nami."

210 Ngizoqala, izolo ebusuku ngigeje ezinye izandla, imigqa ngakwesokunxele sami, kwesokunxele sami, kwesokudla sesakhiwo, lapho ningena, ngakwesokunxele sami, bangaki phakathi lapho abazophakamisela izandla zenu kuNkulunkulu (Manje, amakhanda enu ekhotheme, wonke umuntu ekhuleka, ningaphakamisi ikhanda, khulekani.) uzophakamisa isandla sakho, futhi uthi, "Nkulunkulu, ngibambe isandla sami kuWe futhi ngifuna uKukwamukela njengoMsindisi wami, ngihawukele, ngikholwa ngokweqiniso ukuthi isikhathi sesisondele, futhi angikakalungeli ukuhamba"?

211 Ngobunye ubusuku ngibuze lokho, ezansi lapha, eCalifornia, owesifazane oneminyaka engamashumi ayisikhombisa nesithupha ubudala waphakamisa isandla sakhe ngenkathi ukubizelwa e-altare kwenziwa, waba nokuguquka okukhazimulayo, waya ekhaya, walala emqamelweni wakhe, wahamba ukuyohlangana noNkulunkulu. Iminyaka engamashumi ayisikhombisa nesithupha, futhi ngomzuzu wokugcina ngqo wangeniswa. Bekungaba njani ukuba

ubengezanga na? Alikho ithemba. Ungasiphakamisa isandla sakho futhi wenze lokho kuma okukodwa okwenele konke na?

212 U—uhlu kwesokunxele sami, akukho noyedwa lapho ndawana thize na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Angaba khona omunye ongaphakamisa isandla sakho na? Ohlwini olungaphakathi nendawo lapha, kwesokunxele sami, ingabe ukhona kuloluhlu obengezwa ukuthi awumjabulisi uNkulunkulu, futhi awuMkholwanga na?

213 Manje, kukhona kuphela. . . Manje, ukubhema, ukuphuza, ukuphinga, ukuqalekisa, lokho akusona isono. Sisodwa kuphela isono, lokho ukungakholwa. Wenza lezozinto ngoba ungongakholwayo, ukuba ubuyikholwa, ubungeke uzenze lezozinto.

214 Zimbili kuphela izinto, enye yazo ukukholwa, nenye ukungakholwa, enye yazo ikutholile. Futhi uma unokungabaza okuncane ngeZwi likaNkulunkulu, lonke iZwi laLo liyiqiniso, khona-ke ungongakholwayo, uMoya oNgcwele awuhlali kuwe. Uma uphikisa iZwi elilodwa lesethembiso sikaNkulunkulu noma ulibuze, kukhona okungalungile. Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu?" Makungabikho muntu obukayo, vumela uMoya oNgcwele nje. UNkulunkulu akubusise, Mnumzane. UNkulunkulu akubusise, Mem. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kulungile. Loluhlu oluphakathi nendawo lapha, kwesokunxele sami, lowo ngowokuqala, owesibili, owesithathu, owesine lapho.

215 Uhlu, uhlu olumaphakathi, kwesokudla sami, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, ngifuna ukukholwa." UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mfowethu. Kungenzeka ukuthi wenze izinto eziningi ezinkulu, impilo yakho, kodwa lokho kukhulu kunakho konke owake wakwenza. Umfanyana, cishe oneminyaka eyishumi nambili ubudala, ephakamisa isandla sakhe. UNkulunkulu akubusise, Ndodana. IBhayibheli lathi, "Umntwana uyakubahola." Akawudonsanga umphefumulo wakhe omncane kumaphephandaba amadala i*True Story*, nezinto, nalokho okubizwa nge "zindaba eziyiqiniso." Yinye kuphela indaba yeqiniso engiyaziyo: leyo eseBhayibhelini.

216 Abantu, izinganyana namuhla zazi kakhulu ngoDavid Crockett, kunoma zazi ngoJesu Kristu. Zonke izitolo zezinto zosheleni zinazo zonke izinhlobo zezinto zamakhawa, futhi yilokho abantwana abancane baseMelika abakugwinyayo kulolusuku.

217 Emgqeni kwesokudla sami, bangaba khona abaphakamisa isandla senu, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Angiphakamisi isandla sami kuMfowethu Branham; ngiphakamisela isandla sami kuWe. NguWe ohlola inhliziyo

yami, ngena khona manje"? . . .?. . . UNkulunkulu akubusise, ndodana, ngokuqinisekile, omunye, baphakamise isandla sabo bathi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Angifuni ukwenza iphutha, ngeke ungithathe"? UNkulunkulu akubusise, emuva lapho. UNkulunkulu uyakubona. UNkulunkulu abe nomusa.

218 Manje, kuvulandi osesitezi, kwesokudla sami, ingabe ukhona phakathi lapho ngakulolu uhlu, phakathi lapha, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi." Phakamisa isandla sakho.

219 Kovulande abasesitezi kwiphakathi nendawo lami, *lapha*, abanye phakathi lapho ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi." Angikwazi ukubona kahle kakhulu lapho. Ngiyibonile iNgelosi yeNkosi phakathi lapho izolo ebusuku, kodwa angikwazanga ukukubiza. Yehlele phansi ngqo, omunye washaya into ethize, futhi wawela phansi. Phakamisa isandla sakho. Uzokubona, noma ngikwenza noma ngingakwenzi, Uzokubona.

220 Ingabe ngempela unaso lesosibindi esingako na? Ingabe kukhona okungako ngempela ngawe, Ndoda noma iNenekazi, ongaphakamisa isandla sakho, futhi uvume ukuthi unephutha, futhi ucele umusa na? Phakamisa isandla sakho. Kwesokunxeleke, kuvulandi osesitezi kwesokunxele. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, Mnumzane. Leyo yinto emangalisayo. UNkulunkulu akubusise, Mem. Kuhle lokho. Nkulunkulu, yiba nomusa.

221 Baba Nkulunkulu, ngibanikela ezandleni zaKho. Ba— baphule wonke umthetho wesayense. Ngokwesayense, amandla adonsela phansi abamba izandla zethu phansi, njengoba egcina izinyawo zethu ziphansi. Ngokwemithetho yabo isandla sethu asikwazi ukuphakama, ngokuba ziyehla, ngokuba isisindo namandla adonsela phansi ayazibamba azehlise, kodwa lababantu baphakamisa izandla zabo, kukhombisa ukuthi banomoya kubo ongalawula umzimba, futhi bephule imithetho yemithetho yesayense, futhi baphakamisela izandla zabo kuMdali, bathi, "Yiba nomusa kimi."

222 Manje, Nkosi, ngisho lokhu eBukhoneni bukaNkulunkulu, uKristu, uMoya oNgcwele, iziNgelosi ezingcwele, lonke ibandla laseZulwini, nalesisixuku, Wethembisa, uma lokho kwakuqotho ezinhliziyweni zabo, "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akasoze angena ekwaHlulweni; kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Ngibanikela kuWe, Baba, njengemiklomelo yeZwi laKho elenziwe labonakala, lashunyayelwa nguMoya weNkosi, futhi bangabaKho.

223 Bavikele ekwaHlulelweni, futhi ugcwalise intando yaKho kubo. Banikeze umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uma bengakaze babhaphathizwe ngombhaphathizo wobuKristu,

sengathi bangawemukela, Baba. Futhi sengathi bangamukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi babe yizisebenzi, kusukela kulababantwana abancane abaphakamise izandla zabo, kuya kwabadala kunabo bonke, abesilisa, abesifazane, abafana, noma amantombazane, injejane ephakamise izandla zayo, Nkulunkulu yipha khona, ngeGama likaJesu Kristu.

224 Ngibanikela kuWe, Baba, bangabaKho. BekunguMoya waKho obabizile, Ngikhulume iZwi laKho, futhi baLizwile, futhi bakholwa, futhi manje, baphakamisa izandla zabo ukuthi baLemukele, futhi Wakwethembisa. Ngifuna ukuhlangana nabo eZweni elingcono, lapho okungekho ukufa noma usizi. Futhi ngaloloSuku, ukuthi siyogonana kanjani entanyeni futhi simemeze ngenjabulo, futhi sikhumbule lobubusuku eSalem, e-Oregon, lapho umhlangano uzolethwa phezu kuseyili wesikrini esikhulu sikaNkulunkulu, futhi bayobona lezozandla eziphakamile, ukuthi labobantu bayojabula kanjani. Ngiyobonga kanjani ukwethula imiklomelo kuWe. Siphe khona, Baba, bangabaKho. EGameni leNdodana yaKho, uJesu Kristu. Amen.

225 Manje, ekuthuleni naseBukhoneni bukaSomandla, sisenayo cishe imizuzu eyishumi. Ake. . . Asikwazanga ukubiza amakhadi omkhuleko amaningi kakhulu. Kusasa ni-. . . Ngizongena nje futhi ngibize amakhadi omkhuleko, uma iNkosi ithanda. Ngifuna nikukholwe ngaphandle kwamakhadi omkhuleko. Ngizokwenza okunye, ngomzuzwana nje.

226 Kodwa bangaki, kulendlu, ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi uyakholwa ukuthi uJesu Kristu unguKristu ofanayo enginikeze lobobufakazi emva kobufakazi, kwadingeka labobafundi ukuba bafakaze ukuthi bazi kanjani ukuthi WayenguKristu, namaHeberu 13:8 athi, "Unguye izolo, namuhla, naphakade," bangaki abakholwayo ukuthi ninokukholwa okwenele ukuthinta ingubo yaKhe na? Vele uphakamise izandla zakho phezulu, uthi, "Ngikhulekele, ngiyakholwa," nina ongenamakhadi omkhuleko, ngaphandle kwamakhadi omkhuleko.

227 Manje, ngiyacela, hloniphani, umzuzwana nje owengeziwe. Ngiyazi seku—sekuleyithi, kepha akukabi leyithi kakhulu, kuse-eli ngemizuzu engamashumi amabili ngaphambi kwalokho ebesiyikho izolo ebusuku, kodwa nje hloniphani. Manje, khulekani. Yilowo nalowo nje akhothamise ikhanda lakhe, ngendlela engeyakhe uqobo, bese-ke nikhuleka ngisabhekile, ngizinikela kuNkulunkulu.

228 Uma unentshisekelo kuNkulunkulu nensindiso yakho, nokubona izibonakaliso nezimangaliso engizishilo, lapha eBhayibhelini, ukuthi Wakwenza, futhi ufuna ukwazi ukuthi ngabe Lowo ovuma ukukholwa kwakho kuye. . . Futhi nawe ophakamise isandla sakho esikhathini esedlule, sengathi

Angeza, kulobubusuku, ngenxa yalokhu kubizela e-altare, futhi ngikufakazele kini ukuthi UnguMsindisi wenu, ukuthi Uyayazi inhliziyo yakho, futhi kwakunguYe owakhuluma kuwe, futhi UnguYe ongakhuluma aphendule manje.

Hloniphani nje. Khulekani nje. Ningangabazi. Ungaphakamisa ikhanda lakho umzuzwana nje.

229 UPetru noJohane, bedlula esangweni elithiwa Elihle, bathi, "Sibheke." Lokho . . . Hhayi ukuthi babeyinto ethile; ukuheha. Manje, wawuvuma kuNkulunkulu, ukhulekela inkathazo ethize. Manje, kholwani, ngayo yonke inhliziyo yenu manje. Qaphelani. UMoya oNgcwele uyakhophozela kakhulu. Bangaki okwaziyo lokho na? Uyakhophozela kakhulu, angeke nje Ubekezelele lutho olungalungile. Ngakho masinyane uma Esebizile, phendula masinyane. Khulekani nje, kholwani.

230 Manje, iBhayibheli lakusho ukuthi "UJesu Kristu nguyena izolo naphakade. Futhi Unjalo, khona manje, ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Uyakukholwa lokho na? Awu, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, uma uMthintile, Ubezokwenza ngendlela Enze ngayo izolo, usuku lapho, ngenkathi Esemhlabeni. Uyakukholwa lokho na? Impela.

231 Niyabo, owesifazane wathinta ingubo yaKhe, wayesesuka wahlala phansi, wayesethi, "Kukhona ongithintile." Waqalaza waze Wathola owesifazane, wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, nokukholwa kwakhe kwase kumphulukisile. Manje, Uyafana namuhla.

232 Ngiyacela, ngiyacela, ningayaluzi. Angithethi, kodwa bukani, niyabo, nakhu udeveli alokhu ekusho kimi, "Abakukholwa noma bebezokulalela." Niyabo?

233 Niyakhumbula ukuthi Wangitshela ukuthini eGreen's Mill na? Bangaki lapha i . . . owayelapha ngenkathi ngangilapha okokuqala na? Kulungile. Niyakhumbula ngiza kini, futhi ngelula isandla sami, futhi nathinta isandla sami, futhi mina . . . kwase kuthi-ke uma ngithule nje, ungazami ukusebenzisa ukucabanga kwami, Kungakutshela ukuthi yini ebingalungile ngawe? Niyakukhumbula lokho na?

234 Niyakhumbula nginitshela ukuthi Wangitshela ukuthi kuyokwenzeka ukuthi ngiyokwazi yona impela imfihlo yenhliziyo yabo na? Niyakhumbula nginitshela lokho na? Manje, phakamisa isandla sakho, uma ungikhumbula ngisho lokho . . . ukuthi Wangitshela uma ngizohlonipha ngempela . . . Niyabo, nakho lapho okhona. Manje, sekwenzekile. Niyabo? Ngakho lokho kukwenza kube yiqiniso.

235 IBhayibheli lathi, "Uma kukhona phakathi kwenu ongowomoya, noma umprofethi, futhi akushoyo kuyenzeka, khona-ke mzweni; uma kungenzeki, khona-ke ningamesabi, ngoba anginaye." Lokho akungaphezu komqondo, niyabo, ngoba uma uNkulunkulu ekhona lapho Uzokwenza kube yiqiniso.

236 Manje, khulekani nje ngaphandle kwamakhadi omkhuleko. Nina eninamakhadi omkhuleko, uNkulunkulu ethanda, ngizofinyelela kini emgqeni kusasa ebusuku, phezulu lapha, emsamo, eningenamakhadi omkhuleko. Hloniphani ngempela, "Labo abalinda eNkosini bayo . . ."

237 Kulungile, Ulapha manje. Senake nasibona lesosithombe saYo, iNsika yoMlilo, ukuKhanya na? Lapho ngihlangana nawe eNdaweni yokwaHlulela, Akuqhelile ngefidi ukusuka lapho ngimi khona manje. Kunjalo, Ulapha. Bonani uma Ingesiye uKristu ofanayo. Bonani uma lowo kunguMoya waKhe noma qha. Khuleka. Thinta ingubo yaKhe, uthi, "Nkosi Jesu, mangikuthinte. Phendula ngoMfowethu Branham, kuzofakazeka kimi ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade."

238 Angikwazi ukwenza . . . Ya, ngibona owesifazane osanda kukhothamisa ikhanda lakhe, khona *lapha*. Nakho ukuKhanya phezu ngqo kwenenekazi elincane. Buka ngapha, emuva *lapho*, Nenekazi, elesibili elihlezi phakathi, emuva *lapho*. Uhlushwa yinkathazo yesisu, izifo ezixakile. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Uyakholwa na? Inenekazi elincane elihlezi, elesibili ngaphakathi, nekhanda lalo libheke phansi nokho. Uma lizokholwa ngenhliziyo yalo yonke, lingaba nakho. Uyakukholwa na? Ukugejile. Sekuhambile kuwe. Ngiyakudabukela.

239 Kuphezu kwa*leli* nenekazi elincane elihlezi *lapha*. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe na? Inenekazi elihlezi khona phakathi e . . .?. . . Uyakholwa na? Owesifazane omncane obukeka ezacile ehlezi lapho ngasendodeni, umyeni wakhe. Ukholwa ngenhliziyo yakho yonke. Uhlushwa inkathazo yenhliziyo. Kunjalo. Ake ngikutshele okuthile ngawe. Unenkathazo yenhliziyo ekabi kakhulu, baze badingeke bagcine umoya-mpilo endlini, noma ngabe unokuhlaseleka noma qha. Manje, lelo yiqiniso, Mnumzane, uyakwazi lokho. Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ungabanakho ukuphulukiswa kwakho, kukuwe.

240 Yini inkinga ngalababantu na? Akumangalisi ukuthi ufile. Uzohlala ungaleyondlela. Kukhona ukuba ndikindiki bomoya wakho. Angeke uvuke kuKristu na? Ungavumeli abangenacala bahlupheke ngenxa yabanecala, Nkulunkulu. Umusa nesihe kuhlinzekiwe, futhi namanje angeke ngisho ukubone, uzokwenzani na?

241 Inenekazi elihlezi khona *lapho* libonakala linokukholwa, lingibuka ngqo, lihlushwa isifo sikashukela, isifo sikashukela. Lingahle lingangiqondi kahle ngoba lingowaseScandinavia, lingowomdabu waseDenmark. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, Nenekazi na? Ngiyabonga. Ngiyabonga, Nenekazi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke futhi isifo sikashukela sizokushiya. Awusiye owalapha noma

kanjani, awusiye oweqembu ngapha. Ungowasenhla e-Oregon, kodwa uphezulu eColumbia River, kunjalo, indawo ebizwa ngeDalles, noma into enjalo. A-hha. Igama lakho unguNkk. Lund. Kunjalo impela. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakwemukela, futhi ukukholwe, futhi kuzophela.

242 Yini indaba nje ngebandla empeleni na? Leyondoda ehlezi *lapho*, ingibuka, evela e-Eugene, inenkathazo yamehlo nendlebe. Uma wena. . . Ngabe kunjalo, Mnumzane na? Yima ngezinyawo zakho-ke, yemukela ukuphulukiswa kwakho. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awulidingi. UJesu Kristu uyakuphilisa ngokukholwa kwakho.

243 Yini indaba ngebandla na? Ngabe selibendikindiki eVangelini na? Haleluya! MasiMdumise. Haleluya! NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. SiKudumisa kanjani ngokulunga kwaKho! Wena ophakamise isandla sakho, esikhashaneni esedlule, futhi uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, yehlela lapha futhi asibe nezwi lomkhuleko ndawonye. Hamba uphume ngqo esihlalweni sakho, wonke umuntu ophakamise isandla sakho, nawe o—ongacabangi ukuthi ukahle noNkulunkulu, eBukhoneni bukaNkulunkulu yehla khona lapha manje, futhi ume lapha e-altare. Masibe nezwi lomkhuleko ndawonye. Wonke umphefumulo ofuna ukusindiswa, woza manje.

244 Yilokho-ke. Kunjalo. Phuma kuvulandi osesitezi phezulu lapho, eBukhoneni bukaKristu. Sifanele sephule lona omdala, umoya obandayo phakathi lapha, mngane. Asisoze saba nomhlangano kuze ukuba lento isikhishiwe lapha. Kukhona—kukhona—kukhona okuningi kakhulu ukungakholwa kukadeveli ngapha. Kunjalo impela. Balekela impilo yakho, finyelela kuKristu ngokukhulu ukushesha. Kukhona okuzokwenzeka. Ukwahlulela kuzolandela lokhu. Awukukholwa na? Zithintithe kulowo obandayo, udeveli onguye ngegama ezama ukukubophela phansi. Makuthi wonke umphefumulo ongekahle noNkulunkulu, uzungeze leli-altare khona manje. EBukhoneni bukaNkulunkulu, ngiyakubiza eGameni likaJesu Kristu. Amen. Woza manje.

245 Uyalazi iculo elithi, *O, Kungani Kungabi Kulobubusuku?* Uyalazi lelokhorasi na? *O, Kungani Kungabi Kulobubusuku na?* Sitshele ngeculo elithize enilicula nonke njengokubizelwa e-altare, Mnumzane. (Elehlukile? Kulungile lokho. Sinendlela endala yaseningizimu yokukwenza. Kulungile, sinikeze iculo lokubizela e-altare lakho.) [Umfowethu uthi, "Bengingaya ngaphi, bengingaya kuphi ngaphandle kweNkosi na?"—Umhl.] Sizocula iculo lesimemo, ngenkathi lababantu abayigugu bebuthana phezulu lapha.

246 Bangane, ngikhuluma kini eGameni leNkosi uJesu Kristu. Kungenzeka ukuthi wenze izinto eziningi empilweni yakho

ebiyinhle, akukho kungabaza kodwa lokho onakho. Kodwa lona ngumnyakazo omkhulu kunayo yonke owake wayenza, ukuza kuKristu. Kunjalo impela.

247 Sisacula manje, ngifuna wonke umuntu ophakathi lapha, ongekahle noNkulunkulu, ukuba athole . . . wozani nizungeze i-altare khona manje. Yenyukelani lapha futhi nilungisane noNkulunkulu, futhi nisuse lokho kubanda kini, susani lokho kungakholwa kini.

248 Kungani nesaba na? UJesu ubemi lapha, kulobubusuku, Ubezothi, "Ungasabi; YiMina." Ingabe leyo akuyona indlela efanayo Ayenza ngenkathi Elapha ngaphambilini na? Bukani umusa kaNkulunkulu ngenkathi labobantu bengawemukeli. Cishe bazofa nalezo izinkathazo. Futhi lapho Waphuma ngqo, ezethamelini, futhi wazidonsa noma kanjani, ukukhombisa ukuthi UnguNkulunkulu. Impela. Kulungile, asicule.

> . . . ngingahamba, ngingayaphi?
> Ngifunela umphefumulo wami isiphephelo?
> Ngidinga umngane ozongihola ekugcineni,
> Bengingayaphi ngaphandle kweNkosi?
>
> Bengingayaphi?

249 Ningeke niphakame manje futhi nize na? Ungaya kuphi futhi na? Uye ebandleni lakho na? Lizobhubha kanye nawe. Uya kubangane bakho na? Bazofa, futhi babole njengoba nawe uzobola. Uya ezivumwenikholo zakho na? UNkulunkulu akuzukukunaka. Uza kuKristu, woza kuYe, khona-ke unokuPhila okuPhakade. Ukumazi Yena kungukuPhila, ukumazi Yena. Futhi uBukhona baKhe, ngenkathi Elapha efakazisa ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo owayenabo phandle lapho, ngalobobusuku. Ngeke nize na? Ngesinye isikhathi sizobiza. Woza manje. Uma kukhona ukulahlwa, impilo yakho, woza.

> Ngifunela umphefumulo wami isiphephelo? (Nakhu ozokwenza.)
> Ngidinga umngane ozongihola kuze kube sekugcineni,
> Bengingayaphi ngaphandle kweNkosi?

250 Manje, ngenkathi lababantu beseza, ngifuna abanye benu ngempela aba . . . nasezinkundleni zokukhuleka noNkulunkulu, Ngifuna abanye benu belusi, yehlelani lapha manje, futhi ngifuna abelusi, nalabo besifazane abangamaKristu owazi uNkulunkulu, ukuba eze ngakulaba besifazane lapha. Nina madoda enimaziyo uNkulunkulu futhi enikhathalele imiphefumulo . . .

251 Niyazi ukuthi iBhayibheli lathini na? Kulolu izinsuku zokugcina isiprofetho sasho ukuthi abantu bayobanda kakhulu futhi banganaki . . . Futhi lapho uMoya oNgcwele udlula, ukubeka uphawu nje labo ababubula nabakhalela isinengiso

esenziwa emzini. Ngifuna ngamunye wenu befundisi akhombise, mina, ebandleni lenu, lowomuntu obubulayo nokhalayo, imini nobusuku, ngenxa yezono zabantu emzini. Ungasibeka isandla sakho kulowomuntu na? Futhi khumbulani, uMoya oNgcwele uyalelwe ukuba ubeke uphawu labo kuphela. Ungabathinti abanye, bazobhubha.

252 Ulidlalelani isonto na? Asikho isidingo sokudlala. Ungadlali ngoNkulunkulu. UNkulunkulu akayona insimbi yokudlala; UnguNkulunkulu. Manje, wena onamandla okuqina enele futhi okholwayo, futhi ofuna ukubona imiphefumulo isindiswa, wozani ngapha, ume ngakulaba abesifazane, nina besifazane; nangakulawa amadoda, nina madoda enimazi ngempela uNkulunkulu, futhi ufuna ukubona imiphefumulo isindisiwe, futhi ufuna ukubona imvuselelo, ufuna ukubona okuthize kwenzeka. Wozani nime ngakubo manje, futhi asibakhombise ukuthi siyabathanda, futhi sifuna ukubona uNkulunkulu ebasindisa. Bafowethu abangabefundisi, ngenani phakathi kwabo ngqo. Kunjalo. Haleluya!

253 Manje lalelani, ngifuna ukukhuluma nani ngenkathi beseza. Yibani nokukholwa. Yenyukelani lapha, "OyoNgivuma phambi kwabantu, Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi." Manje, uyakuvuma lokho o...lapho ungonqenayo, unqena kanjani, ukuthi awumnakanga kanjani uNkulunkulu, uyavuma lokho ukuthi kuyiphutha, futhi usho ukuthi "Ngiyaxolisa, Nkulunkulu, ukuthi ngenze lokho." Thola umusa kuYe, bese-ke ubuka lokho Azokwenzela khona. Vuma nje ukuthi unephutha, futhi Uzokunakekela konke okunye.

254 Manje, asivumele zonke izethameli sikhothamise amakhanda ethu. Futhi wonke umuntu, noma ngabe ukuphi, uma ubakhathalele lababantu, khuleka, wonke umuntu manje. Yenyukani nisondele, nina nonke lapha, futhi nibeke izandla zenu phezu komuntu othile omi lapho.

255 Baba wethu waseZulwini, sibonga ngokujulile ukubona uMoya oNgcwele, ngehora lomusa nokuqonda, gqabula kulawomaketango okungakholwa, diliza futhi unyakazise amatshe alenga odongeni asesihogweni emehlweni kadeveli, ephuphuthekisa eVangelini, kodwa nokho adlulele ngale kwalokho futhi akhethe leyomiphefumulo futhi ayingenise.

256 UsenguNkulunkulu, UsenguJesu, Ovukile. SiyaKubonga ngalaba, bamile lapha, bangabantwana baKho, yinye kuphela into abangayenza, ukufika futhi bavume ukuthi banephutha, "Futhi ovuma isono sakhe uyakuba nomusa; ofihla isono sakhe akayikuphumelela," Washo njalo, Nkulunkulu. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobhidliza omdala, obandayo, umoya oyiwo ngegama ozama ukubamba lemvuselelo ekuthunjweni. Siyakuthatha eGameni leNkosi uJesu, futhi

sephula amandla kaSathane ngeVangeli lokuvuka, noBukhona bukaJesu Kristu kulobubumnyama, ihora elibi.

257 Sathane, khulula abantu, phuma kubo. Uyisehluleki, futhi akukho noyedwa uNkulunkulu amumisele ukuPhila ongamubamba, bazoza noma kanjani, akunandaba ukuthi wenzani. Bayeza noma kanjani, uNkulunkulu wathi bayoza, "Bonke uBaba aNgiphe bona bayokuza kiMi; futhi akekho kubo olahlekile."

258 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzozwa manje, futhi wenze uSathane, lowo omubi, akhulule lababantu. Yenza ikhaya labo ngalinye . . . ? . . . sindisa abathandekayo babo, kwangathi izinhliziyo zabo zingavutha.

259 Kwangathi bangakhuleka ubusuku bonke, kulobubusuku, usuku lonke kusasa, kwangathi kungaba khona into enjalo eyenzekayo, kuze ukuzamazama kukaMoya oNgcwele kuzoqala imvuselelo ezinhliziyweni zabo, emakhaya abo, emabandleni abo, emphakathini. Siphe khona, Nkosi. SiyaKuthanda, siyaKukholwa, ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu. Bavumile ukuthi banephutha, bavumile ukuthi benze okungalungile, bathululele imiphefumulo yabo kuWe, Nkosi. Wethembisa eZwini laKho ukuthi Uyobasindisa. Wakwethembisa, futhi Wena o . . . ? . . . Siphe khona, Nkosi. Banike insindiso . . . ? . . . isitha . . . ? . . . Siphe khona, Baba, eGameni likaJesu . . . ? . . .

260 Nonke, enimi lapha, owemukelayo ukuthi uNkulunkulu ukuthethelele izono zakho nokungakholwa kwakho, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakwemukela, ngiyakuzwa enhliziyweni yami ukuthi uNkulunkulu uyangixolela." Phakamisani izandla zenu, ngamunye wenu, enimi ngapha. Yilokho-ke. Khona lapho, kuhle.

261 Manje, khona ezinkundleni ezifanayo enimi kuzo, yemukelani umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Phendulelani amakhanda enu phansi. Wena onoMoya oNgcwele, iBhayibheli lathi, "Babeka izandla phezu kwabo, noMoya oNgcwele wafika . . . ? . . . " nisamile lapha, nansi indawo yokwamukela uMoya oNgcwele. Amen.

Yilowo nalowo akakhuleke. Wonke umuntu laphaya ezethamelini unga . . . Khothamisa ikhanda lakho, khuleka, ube qotho . . . ? . . . Khuleka umkhuleko . . . ? . . . UNkulunkulu anibusise.

O Nkulunkulu, siphe, Nkosi Jesu. Yiba nomusa, Nkulunkulu othandekayo . . . ? . . . Siphe, Nkosi, yiba nomusa. UMoya oNgcwele mawehle.

